"umgwaqo womphakathi" kusho noma yimuphi umgwaqo, isitaladi, noma indlela yabantu bonke, nanoma iyiphi indawo (yabantu noma okungesiyona eyabantu) ngokuvamile esetshenziswa ngumphakathi nanoma iyiphi enye ingxenywe **umphakathi** onelungelo lokuyisebenzisa, futhi ibandakanya -

(a) unqenqema lwanoma yimuphi umgwaqo, noma indlela yabantu bonke;

(b) ibhuloho, izibuko lanoma yimuphi umgwaqo, noma indlela yabantu; kanye

(c) nanoma yimuphi umsebenzi noma into eyingxenywe noma exhumene noma okungeyaziwo mgwaqo, noma isitaladi noma indlela yabantu;

"izinto ezikhipha imisebe ngokushesha" kusho noma yikuphi okusaketshezi okuqukethe, noma yini ekhipha imisebe ngokushesha, noma ngabe ngokwemvelo noma ngokuzakhela;

"imfucuzo ekhipha imisebe ngokushesha" kusho noma iyiphi impahla ekhipha imisebe ngokushesha okuhloswe ukuthi noma okungahlosiwe ukuthi ilahlwe njengodoti;

"imfucuzo engaphinde iselshenziswe" kusho imfucuzo ehlukaniwe nemfucuzo eningi, ebekwa eceleni ngenhloso yokuthi iphinde isetshenziswe;

**"isakhamuzi" maqondana noMkhandu kusho noma yimuphi umuntu oyisakhamuzi soMkhandu;**

"ingxenywe yomgwaqo ebekelwe oknthile" kusho leyo ngxenywe yomgwaqo, yesitaiadi noma yendlela yabantu, elungiselwe noma eyakhelwe noma okuhloswe ukuthi ihambe izimoto ephakathi konqenqema Iwendlela noma laleyo ngxenywe yomgwaqo, yesitaladi noma yendlela yabantu, kubandakanya kodwa kungacini nje ngendledlana okungeyona indlela yomgwaqo;

"isivumelwano sokwethulwa kwemisebenzi" kusho isivumelwano phakathi koMkhandu kanye nabahlinzeka ngemisebenzi ngaso leso sivumelwano abahlinzeka ngemisebenzi okudingeka ukuthi bahlinzeke ngemisebenzi yomkhandu;

**"ohlinzeka ngemisebenzi" kusho noma yimuphi umuntu ongene esivumelwaneni sokwethula imisebenzi nomkhandu ngokoMthetho weziNhlelo;**

"imfucuzo ekhethekile yezimboni" kusho imfucuzo ekukethe uketsbezi, udaka noma okuqinile, edaleka uma kukhiqizwa, imfucuzo yezimboni noma kufakwa amakheli emfucuzeni yezimboni noma yemayini ngaphambi kokuthi ichithwe, ngokwe yoMkhandu yenhlanzeko engeke yachithwa emapayipini amanzi noma okuthutha indle;

"uMthetho weziNhlaka" kusho uMthetho weziNhlaka zoMasipala woHulumeni baseKhaya, 1998 (uMthetho No. 117 ka 1998);

"intuthuko esimeme" kusho ukudididyelwa kwezenhlanakahlale, ezomnotho kanye nezemvelo ekuhloleni, ekuqaliseni nasekuthatheni izinqumo ukuqinisekisa ukuthi intuthuko iyohlomulisa izizukulwane ngezizukulwane;

**"okuhlosiwe" kusho noma yimuphi umoya odingekayo, izinga lamanzi noma amazinga kadoti okuqukethwe kunoma yimuphi umntu;**

"intela" kusho leyo ngxenywe yemali yokuhlazekwa ngemisebenzi yomkhandu ekhokhwa yilowo muntu ohlomulile, enqunyiwe futhi yashicilelwa nguMkhandu noma yancishiswa noma yakhushulwa ngohlazekwa ngemisebenzi ngokwe yezeziMali elandelwa ngaphansi kwesigaba 75 soMthetho weziNhlelo;

**"imfucuzo" kusho noma yini engadingeki noma engafuneki, izinto nje, izinto ezivela uma akwakiwa okuthile noma izinsalela zanoma yimuphi umsebenzi esezilahliwe, ezibuthelene ndawonye noma ezigcinwe ngenhloso yokuphinde zisebenze, yokubuyiselwa noma yokwenza okunye ngazo. [izinto eziyimfucuzo ezingaba uketshezi noma okuqinile kanti ingabandakanya izinto ezinobuthi ezingavela ernakhaya, ezindaweni zokuhweba, ezimhonini kodwa ezingahlangukisa -**

(a) izinto ezakhiwe ngenhloso yokuqinisekisa inhlanzeko ngaphansi koMthetho wezaManzi, 1997 (uMthetho No. 107 ka 1997);

(b) nanoma iyiphi igesi noma izinto ezinegesi ezingalwulwa yimithetho kazwelonke neyesifundazwe; noma

(c) nanoma yini ekhipha imisebe ngokushesha ngaphandle kwalapho le ivumela ukuthi uphathwe;

"indawo yokulahlala imfucuzo" kusho noma iyiphi indawo noma isiza okulahlwa kusona, futhi esisebenza ngokwemvume etholakale eMnyangweni wezaManzi kanye namaHlathi nakunoma yisiphi isiphathimandla esigunyaziwe noma uma leyo ndawo iyindawo yokushisa, ukubhalisa noma leyo mvume njengoba idingeka ngokomthetho, futhi ibandakanya indawo yokulahlala udoti wasengadini;

**"umuntu odala imfucuzo" kusho noma yimuphi umuntu noma imboni ekhiqiza noma edala imfucumfucu kadoti;**

"indawo yokugcina imfucuzo" kusho noma iyiphi indawo eyamukela, eqoqa, esebenzisa, ehlela, elungisa imfucuzo ngaphambi kokuthi idluliselwe koshiswa noma ilahlwe;

"indawo yokusebenza" kusho noma iyiphi indawo engaphansi koMkhandu lapho, lapho umuntu enzela khona imisebenzi yomkhandu noma imisebenzi yokuhweba; futhi

"okokusonga" kusho upulastiki nanoma yini evumelekile esonga ivale ngokuphelele umfuqulu noma izinhlamvana zokuPhathwa kukaDoti ezihlangene.

- (2) Amagama asetshenziswe kunorna yimuphi umuntu obandakanya abantu, izinkampani kanye nezinhlango, kanti ubulili buyobandakanya abasifazane kanjalo nabesilisa, kuthi ubunye bubandakanye nobuningi,

## 2. IMIGOMO

- (1) UMkhandlu unesibophezelo sokuqinisekisa ukuthi yonke imfueuza edaleke eMkhandlwini-
- uyabuthwa ulahlwe noma uphinde usetshenziswe ngokwale; futhi
  - lokho kuqoqwa kulahlwa noma kusetshenziswa kuyingxenywe yohlelo lokuphathwa kwadoti olubekwe esigatshaneni (2) ngezansi.
- (2) La mgomo ongezansi wale wenzelwe ukuhlela ngezigaba ukubaluleka kokuphathwa kwemfueuza ngalezi zindlela ezilandelayo:
- ukugwenywa kanye nokuneishiswa kwemfueuza;
  - ukusetshenziswa kabusha;
  - ukusetshenziswa futhi, ukwakha futhi, kanye nokuphathwa; kanye
  - nokulahlwa.
- (3) Nanoma yisiphi isiphathimandla esibandakanyeka ekusebenzeni kwale kufanele nakakanjani sikubheke ngendlela ukuhleleka ngezigaba kwayo ngokwesigatshana (2).

## 3. IZINJONGO EZIHLOSIWE

- (1) Izinjongo ezihloziwe zale Mithethodolobha-
- ukulawulwa kokubuthwa, kokulahlwa kanye nokusetshenziswa kabusha kwemfueuza;
  - ukulawulwa kwemisebenzi yoMkhandlu eyenziwa ngabahlinzeka ngemisebenzi kanye nabakwebi abanezimvume;
  - ukugququzela intuthuko esimeme.
- (2) Ekuqhubeni izinhloso-ngqangi zale mithethodolobha, ikakhulukazi inhloso **ebekwe** esigarshaneni (I), uMkhandlu kumele-
- uzame ukuqinisekisa ukuthi umphakathi uyabandakanyeka ezinhlelweni zokusungula iiebo lokuphathwa kwemfueuza;
  - uqhubekisele phambili ukusetshenziswa kabusha kwadoti;
  - ugququzele ukusetshenziswa kabusha imfueuza;
  - ugququzele ukuhlukaniswa kwemfueuza ukuze isetshenziswe kabusha;
  - ugququzele ukwenziwa ngendlela nokuhlelwa kwemisebenzi karnasipala kanye nemisebenzi yokuhweba;
  - (f)** uphokophelele ukuba nohlelo lokuphathwa kwemfueuza komasipala;
  - ugququzele futhi uqinisekise umkhandlu obhekelela ezemvelo kanye nemisebenzi yokuhweba;
  - uphokophelele ukuqinisekisa ukuhambisana nezinhlizwe zale .

## 4. ISmOPHO SOKUPHATHA NGENDLELA EFANELE

- (1) Wonke umuntu unomsebenzi wokuphatha ngendlela udoti awenzile noma owenziwe yilabo abasuke besebenza ngakuyena ukuze imfueuza ingadali umonakalo ezimpilweni zabantu noma kwezemvelo, Ikakhulu -
- akekho umuntu okufanele aqhube imisebenzi yomkhandlu noma imisebenzi yokuhweba ngendlela engabeka engeupheni izimpilo zabantu noma engalimaza imvelo ngaphandle uma ubungozi noma umonakalo kuyinto engeke yagwemeka eyingxenywe yomsebenzi woMkhandlu noma yemisebenzi yokuphathwa kwadoti futhi igunyaziwe ngumkhandlu; futhi
  - wonke umuntu odala imfueuza noma owenza imisebenzi yomkhandlu kumele athathe zonke izinyathelo ezifanele ukuvimbela noma yimuphi umuntu ukuthi ephule isigatshana I esingenhla maqondana naleyo mfueuza.
- (2) Ngaphandle kokusincisha amandla, isigatshana (I) sisebenza kumnikazi womhlaba, wendawo noma wempahla, kumuntu osebenzisa umhlaba, indawo noma impahla noma kurnuntu onelungelo lokusebenzisa umhlaba, indawo noma impahla noma okungaba-
- nanoma yimuphi umsebenzi noma inqubo eyenziwe noma eyenziwa; noma
  - nanoma yisiphi isirno esikhona, esibeka noma esingabeka ebungozini izimpilo zabantu nama esingadala umonakalo kwezemvelo,
- (3) Noma yimuphi umuntu owenza imisebenzi okukhulunywe ngayo esigatshaneni (I) angadingwa nguMkhandlu noma yisiphathimandla esigunyaziwe ukuthi athathe izinyathelo zokuqinisekisa ukuhambisana nomsebenzi.
- (4) Izinyathelo okukhulunywe ngazo esigatshaneni (I) okungadingeka ukuthi umuntu azithathe zibandakanya-
- uphenyo, ukuhlola kanye nomthelela womsebenzi
  - ukwazisa nokufundisa abasebenzi ngobungozi bendawo abasebenza kuyo kanye nendlela okufanele baqhube ngayo imisebenzi yabo nkuze bavikele ukudaleka komonakalo wezemvelo;
  - ukukhawula, ukuguqula noma ukuvirnbela nanoma yisiphi isenzo, inqubo, isirno noma umsebenzi ongadala umonakalo kwezemvelo;
  - ukuvirnbela ukuhamba kwezinto ezingeolisa umoya kanye nezinye izinto ezidala umonakalo kwezemvelo;
  - ukususa noma ukunciphisa imbangela yobungozi kwezemvelo; noma
  - (f)** ukulungisa imithelela yobungozi kwezemvelo.

### ISAHLUKO2

#### UKUPHATHWA KWEMFUCUZA, INQUBOMGOMO, KANYE NESU

#### INGXENYE 1: IZINHLELO ZOKUPHATHWA KWEMFUCUZA YENDAWO

#### UKUSUNGULWA KWEZINHLELO ZOKUPHATHWA KWEMFUCUZA YENDAWO

- (1) UMkhandlu kurnele ulungise izinhlelo zokuPhathwa kweMfueuza yeNdawo esikhathini esingango nyaka kuqaliswe Ie Mithethodolobha , 1010 hlelo kumele luqaliswe eminyakeni emine yokuqala kwale . Izinhloso zoHlelo lokuPhathwa kweMfueuza yeNdawo zibandakanya-
- nkusungula indlela yokuqinisekisa ukuthi imfueuza iyaqoqwa, iphinde isetshenziswe, iyabuyiselwa noma ilahlwa ngaphandle kokudala umonakalo ezimpilweni zabantu noma kwezemvelo futhi, ikakhulu, ngaphandle-
- kobungozi emanzini, emoyeni, emhlabathini, ezitshalweninoma ezilwaneni;
  - kokudala inkathazo ngomsindo noma amaphunga; noma



- (iii) kokuvimbela ukuthinteka kwezindawo ezisemakhaya kanye nezisemadolobheni noma izindawo ezithandekayo;
- (b) ukusungula ubambiswano ekuphatheni kanye nezindawo zokulapha irnfucua ukuqinisekisa ukuthi-
- (i) imisebenzi yomkhandlu enzulu kanye neyanele nemisebenziyokuhweba isungulwa eMkhandlwini;
- (ii) ukulahlwa kwemfueuza kwenziwa ezindaweni ezibonakalayo zokulahlwa imfucua; kanye
- (iii) nokusetshenziswa kwezindlela ezifanele nobuehwepheshe ukuze kuqinisekise izinga eliphezulu lokuvikeleka kanye nokuvimbela umonakalo kwezernvelo nobungozi ezimpilweni zabantu;
- (iv) kukhuthazwe ukwehliswa nokuncishiswa kwemfucua;
- (v) kugququzelwe ukusetshenziswa kabusha kwemfucua ngokusebenzisa ubuehwepheshe;
- (vi) kusetshenziswe nanoma yini engaqinisekisa intuthuko esimeme.
6. INDAWO, AMALUNGISELELO KANYE NOKUCHITSHIYELWA KOHLELO LOKUPHATHWA KWEMFUCUA YENDAWO
- (1) UHlelo lokuf'hathwa kweMfueuza yeNdawo lubandakanya kepha futhi alugcini nje ngalokbu okungezansi —
- (a) isibalo sabantu kanye nezinhlelo zentuthuko eziseMkhandlwini;
- (b) ukubhekwa kabanzi kwazo zonke izinto eziyimithombo nembangela yokwakheka kwernfucua eMkbandlwini;
- (c) ukubhekwa kwamanani namazinga emfucua edaleke ngaleso sikhathi kanye naleyo engadaleka eMkhandlwini;
- (d) ukubhekwa kwezimakethe ezikhona, imisebenzi yomkhandlu, imisebenzi yezohwebo kanye nokuphathwa kwernfucua, izindawo zokulahlwa irnfucua ngokwehlukane kwayo;
- (e) ukubhekwa kwezindlela ezikhona zokunciphisa, ukuphatha, kanye nokulahlwa kwemfucua eMkbandlwini;
- (f) ukubhekwa kwesibalo sabantu abangaphansi koMkhandlu abangayitholi imisebenzi yomkhandlu ebese kuvezwa amasu nezinhlelo zokuhluzeka leyo misebenzi kulabo bantu;
- (g) amasu nemigomo ehlongozwayo yokuphatha nokunciphisa imfucua eMkhandlwini kanye nendlela ekahle yokulahlwa imfucua engeke isaphinde isetshenziswe;
- (h) amasu okufundisa kanye nokuqarnba izindlela ezintsha zokwahlukanisa imfueuza emithonjeni yawo;
- (i) amasu okuqwashisa ngezindaba zokuphathwa kwemfueuza;
- (j) amasu okusungula ubuehwepheshe njengoba kudingeka esigabeni 7;
- (k) uhlelo lokuqalisa oluhlonza isikhathi ezidingekayo, izinsiza kanye nezibopho zokufezwa lawn masu ngaiezo zikhathi ezinqunyiwe;
- (l) indlela yokuqapha umsebenzi ukuze kufezwe amasu ngalezo zikhathi ezinqunyiwe;
- (m) ukuqoqwa, ukuthuthwa, ukudluliswa nokulahlwa kwemfueuza ekhona nesazoba khona;
- (n) ukueubungula ukuthi uHlelo lokul'hathwa kweMfueuza yeNdawo luhlangana kanjani nezinye izinhlelo wMkhandlu; kanye
- (o) nezinye izindaba njengoba kungadingwa ngemioye imithetho, imithethonqubo noma imihlahlandlela.
- (2) Ekulungiseleni uHlelo lokuf'hathwa kweMfueuza yeNdawo, uMkhandlu kumele —
- (a) ubhekele uHlelo lweNtuthuko kanye neziNhlolo zokuThuthukisa uMhlaba lolvkhandlu, nezidingo zanoma iyiphi inqubomgomo kazwelonke neyesifundazwe;
- (b) ubonisane nabantu bendawo, njengoba kudingeka ngokoMthetho weziNhlelo;
- (c) uthathe izinyathelo ukwazisa umphakathi ngoHlelo lokul'hathwa kweMfueuza yeNdawo olusewuHlaka ngokumema imibono yama-lungu omphakathi. Kumele kuvunyelwe isikhathi esingekho ngaphansi kwezinyanga ezimbili sokulethwa kwaleyo. mibono, nesokuphethwa koHlelo lokuf'hathwa kweMfueuza yeNdawo kumele ngemuva kokuebungula noma yimiphi imibono evela ernphakathini;
- (d) uthumele ikhophi yoHlelo lokuf'hathwa kweMfueuza yeNdawo olusewuHlaka kuNgqongqoshe wezeMvelo kanye nakuNgqongqoshe wezaManzi namaHlathi, kanye nakoMasipala abaseduze ukuze babe nolwazi; futhi
- (e) uthumele ikhophi yoHlelo lokul'hathwa kweMfueuza yeNdawo olusewuHlaka esiFundazweni saKwazulu-Natali ukuze uthole imibono nokuphetha uhlelo lokul'hathwa kweMfueuza yeNdawo ngemuva kokuebungula leyo mibono.
- (3) UMkhandlu ungaehibiyela uHlelo lokuf'hathwa kweMfueuza yeNdawo njalo ngeruwa kwesikhathi futhi kumele ubuyeeze uhlelo njalo ngeruwa kweminyaka okungenani emihlanu. Lezo zichibiyelo noma lokbo kubuyekwezwa kumele kwenziwe ngokubonisana nomphakathi wendawo.
- (4) UMkhandlu kumele ushieilele umbiko kanye ngonyaka mayelana nokuqaliswa kohlelo. Umbiko kumele ubandakanye-
- (a) inezazo ngemisebenzi kanye nezinyathelo ezithathiwe ukuze izinhloso zohlelo;
- (b) Iikhomba ukuthi izinhloso zohlelo ziyafezwa, uma kungenjalo, kumele kube nenezazo yezinkinga ezivimbe ukuze kwezinhloso;
- (c) imininingwane yokuboshwa ngaphansi kwale Mithethodolobha; kanye
- (d) nezinezazo zezigigaba ezisemqoka zokulahlwa kwemfueuza.

#### INGXENYE II: UHLELO LOKUGCINA ULWAZI

#### 7. UKUSUNGULWA KOHLELO LOKUGCINA ULWAZI

- (1) UMkhandlu kumele usungule futhi ugcine uHlelo lokuGcina ulwazi oluqoqwa imininingwane yokuphathwa kwemfueuza eMkhandlwini.
- (2) UHlelo lokuficina ulwazi lungabandakanya noma yiluphi ulwazi oluphathelele noma oluxhumene nokuphathwa kwemfueuza eMkbandlwini.
- (3) Imininingwane ephathelene nokuqaliswa koHlelo lokuficina ulwazi iyobekwa oHlelweni lokuf'hathwa kwemfueuza yeNdawo okukhulunywe ngalo esigabeni 6.
- (4) Umphakathi wendawo unelungelo lokufinyelela olwazini oluqukethe wuHlelo lokuficina ulwazi, kuncike kunoma yimiphi imibandela ebekwe ngokomthetho. Ekuzezekiseni leli lungelo, uMkhandlu kumele -
- (a) ngesieelo selungu lomphakathi wendawo, uhlinzeke ulwazi olusoHlelweni lokuGcina ulwazi;
- (b) uthathe izinyathelo zokuqinisekisa ukuthi ulwazi olukhishwayo lusesimweni esifanele ukuthi lungafundwa yiwo wonke umuntu;
- (c) ungakhokbisa umphakathi imali ngokuwuhlinzeka ngolwazi ukuze ukwazi ukuhlangabezana nezindleko zokuhluzeka ngolwazi oluceliwe.

#### 8. INHLOSO YOHLELO LOKUGCINA ULWAZI

- (1) lithloso yohlelo lokugcina ulwazi ngukuthi uMkhandlu-

- (a) ugcine ulwazi oluphathelele nokuqaliswa koHlelo lokuPhathwa kweMfueuza yeNdawo kanye nokuphathwa kwemfueuza eMkhandlwini;
- (b) ugcine ulwazi olugodlwe nguMkhandlu oluphathelele nanoma yiziphi izindaba ezibalulwe esigatshaneni (I)(a) kuya ku (e);
- (c) uhlinzeke ulwazi uma kunesieelo noma kunesidingo ngokomthetho wesifundazwe noma kazwelonke;
- (d) uqoqe ulwazi ngabangakhiqiza imfucuzi kanye nalabo abakhiqiza imfucuzi, abahlinzeka ngemisebenzi, kanye nabanikazi bamalayisensi;
- (d) uhlinzeke ngolwazi kubakhiqizi bemfucuzi, kwabahlinzeka ngemisebenzi, nakubanikazi bamalayisensi kanye nornphakathi wendawo **ukuze-**
  - (i) uqaphe umsebenzi owenziwa nguMkhandlu, yilabo abahlinzeka ngemisebenzi kanye nabanikazi bamalayisensi, kanye nabakhiqiza imfucuzi uma bekhona;
  - (ii) ugqugquzele uwaningo; kanye
  - (iii) nokusiza uMkhandlu ekufezeni izinhloso zale Mithethodolobha .

#### 9. UKUHLINZEKA NGOLWAZI

- (1) UMkhandlu, kuncike ezinhlinzekweni zanoma yimuphi omunye umthetho kubandakanya nemithetho yabantu, ungadinga ukuthi noma yimuphi umuntu **olchiqiza imfucuzi, umnikazi** welayisensi, **umhlinzeki** womsebenzi **noma umuntu** ohlinzekwa **ngemisebenzi yomkhandlu** noma yokuhweba
  - (a) ubuningi bezindawo ezikhiqiza imfucuzi, kanye nokukhomba abakhiqizi bemfucuzi;
  - (h) inani kanye nezinga lemfueuza ekhiqizwe;
  - (e) indlela abakhiqizi abaphatha ngayo imfucuzi;
  - (d) ukuphathwa kwemfueuza kanye nezinto zokuwulahla;
  - (e) Isibalo sabantu kanye nengxenywe yentuthuko;
  - (f) imibiko eqhubekayo ngokufezwa kwezinqumo zokuphatha imfueuza;
  - (g) ukuphathwa kwemfueuza esheshayo;
  - (h) nanoma yiluphi ulwazi obeluhlanganisiwe ngokuhambisana nesigatshana.....;
  - (i) ukudayiswa kwemfueuzi ngamazanga kanye nangezinhlobo; kanye
  - (j) nanoma yiluphi ulwazi oludingwa iMithetho ekhishiwe, imibandela kanye neziqondiso.

- 2, UMkhandlu ngokubona kwawo unganquma ukuthi ulwazi lunganikezwa nini futhi kanjani,

#### 10. INDELELA YOKUZMANDAKANYA EZINHLELWENI ZOKUNCIPHISA IMFUCUZA

Nokho izidingo zokugqugquzela ukuneishiswa kwemfucuzi, ukubuyiselwa kanye nokusetshenziswa futhi kwemfueuza akekho namunye umuntu ongabamba iqhaza ezinhlelweni zokuncishiswa kwemfucuzi okungadala noma okunganyusa amazinga obungozi empilweni yomuntu noma urno nakalo kwezemvelo.

#### ISAHLUKO3

#### IMISEBENZI YOMKHANDLU

#### INGXENYE I: UKUHLINZEKA NGEMISEBENZI YOMKHANDLU

#### u. ISmOPHO SOKUHLINZEKA NGEMISEBENZI YOMKHANDLU

- (1) UMkhandlu unesibopho emphakathini sokuqhuba ukuqinisekisa ikhono lokwenza, ezohwebo kanye nokufinyelela emisebenzini yoMkhandlu.
- (2) Lo msebenzi weyame-
  - (a) kwisibopho somphakathi wasendaweni sokuba ukhokhe imali enqunye, ngokwezihlinzeko zemisebenzi yoMkhandlu, okumele ukuba ibe inani layo elihambisana nanoma yiliphi elinqunye ngokwenkambiso kazwelonke kanye nangokwamazanga ezindlela; kanye
  - (b) nelungelo loMkhandlu lokwahlukanisa phakathi izinhlobo zabantu kanye nezindawo zokuhlala uma bebheka ukukhula kanye narnazinga omsebenzi olothwa imisebenzi yoMkhandlu. Ekusebenziseni ilungelo kulesi sigatshana, umkhandlu kumele uvumelane neSishayamthetho sikaZwelonke ube usubheka izinto njengoba zishiwo kusigatshana (I)
- (3) uMkhandlu kumele ubhekisise lezi zinto ezilandelayo ukuqinisekisa ukuthi imisebenzi yoMkhandlu iyahlolakala:
  - (a) ishadi eliphatheiene nokuphalhwa kwemfucuzi njengoba kubekiwe esigabeni 2;
  - (h) isidingo sokusebenzisa izinto ezingamalungelo abangendlela;
  - (e) isidingo sokwaneliseka;
  - (d) isidingo sokusebenza ngokugewe; kanye
  - (e) nesidingo sokuvikela izimpilo zabantu kanye nezemvelo.

#### 12. UKUHLINZEKA NGEMISEBENZI YOMKHANDLU

- (1) UMkhandlu kumele noma kanjani wenze futhi ngokweyame ezihlinzekweni zale Mithethodolobha-
  - (a) Uhlinzeke ngabazoqoqa imfueuza yasemakhaya, ezindaweni zokuhweba, kanye neyansukuzouke ngokweywayeiekile, okungadinga ukuba **ilandwe zonke izinsuku; futhi**
  - (b) nokuhlinzeka ngezinto zokubuyisela imfueuza ukuze ibuye isetshenziswe, ngenani elinqunye ngokuhambisana nomthetho obekwe nguMkhandlu
- (2) Ngokuphathelele nemisebenzi yoMkhandlu, uMkhandlu unganquma-
  - (a) ngenani lemfucuzi elizoqoqwa;
  - (b) yiziphi izindawo zokuhlala noma zokuhweba ezidinga imisebenzi yoMkhandlu njalo kunokweywayeiekile ngenxa yezizathu zempilo, kanye nokuvikela ezemvelo;
  - (e) isilinganiso semfueuza esingabekelwa ukuqoqwa ngaphandle kokuhlinzekwa ngemisebenzi eyongeziwe noma ngokufakwa kwezintela **ezongeziwe; kanye**
  - (d) khomba izihlinzeko ezidingekile zendawo yokugeina imfucuzi kanye nokungena kuleyo ndawo ngokuphathelele nendawo entsha eyakhiwe ngemva kokuqalisa kwale Mithethodolobha.
- (3) UMkhandlu unganquma, noma udinge ukwenzeka kwemfucuzi ukuba kuhlinzekwe, futhi imigqomo yokugcina imfueuza yasemakhaya, imfueuza yezohwebo kanye nokuqoqwa kwansukuzonke, Lapho leyo migqomo ihlinzekwe khona nguMkhandlu, kuba yindawo yolukhhandlu.

- (4) Ekuhlinzekeni ngemisebenzi yoMkhandlu, uMkhandlu noma umhlinzeki wornsebenzi anganquma noma akhethethe —
- uhlelo lolruqoqa;
  - izindawo zokubeka imigqomo evunyelwe yokuqoqa imfucuzi;
  - noluthi yiluphi uhlobo lwemfueuza olwenziwe umhlali wanoma yiziphi izakhiwo eyimfueuza ebuye isebenziseke futhi anqume imigqomo yokuyibeka kanye nokuyiqoqa; kanye
  - nokuthi iyona yiphi irnfcuza okungafanele iqoqwe,
- (5) UMkhandlu noma umhlinzeki womsebenzi angadinga ulruqoqa imfueuza yansuku zonke kanye nemfucuzi yezohwebo ukuba ipakishiwe ingxenye epakishekayo. Lokho kungadingeka ukuba kwenziwe lapho imfueuza yansuku zonke noma imfucuzi yezohwebo eqoqwa ezakhiweni okudingeka ukuba isuswe zonke izinsuku engaphezulu kwamalitha angama-240 emigqomo futhi, ngokubona koMkhandlu noma kohlinzeka ngornsebenzi, ingxenye enkulu yaleyo mfueuza iyapakishaka, Umhlali wasezakhiweni angakhetha ukupakisha imfueuza eningi yalokho ayibeke emgqonyeni ovurulekile noma ukusonga okuvunyelwe nguMkhandlu noma umhlinzeki wornsebenzi: Kuncike ekutheni
- ubukhulu besisongi kumele bungeqi kumalitha angama-85 futhi ubuningi besisongi kanye nokusongiwe kungeqi kuma khilogilernu angama-35;
  - ngemuva koluthi imfueuza ipakishwe yase ifakwa kwisongi, kumele uluba ibekwe emgqonyeni ovumelekile futhi kumele igeinwe ukuze kuvikelwe ukuba isisongi singonakali noma kube nenkathazo evelayo kuze kube iyalandwa.
- (6) Noma yimuphi umgqomo ovumelekile osetshenziswa ngokwesigatshana (3) ungaqoqwa, utshululwe futhi uphinde ubuyiselwe ezakhiweni IOMkhandlu noma zomhlinzeki womsebenzi ngaleso sikhathi njengalokhu kungabonakala kudingekile.
- (7) UMkhandlu noma umhlinzeki womsebenzi angahlaziya noma yisiphi isinqubo esithathwe ngokwesigatshana (6) noma ngasiphi isikhathi.
- (8) UMkhandlu noma umhlinzeki womsebenzi kumele azise bonke abakhiqiza imfucuzi yasemakhaya, kwezohwebo kanye neyansuku zonke ngezinqumo ezithathwe ngokwesigatshana (6) noma (7) ngokubabalela.

### INGXENYE II, UKUSEBENZISA IMISEBENZI YOMKHANDLU

#### 13. IZfifOPHO ZABAQOQA IMFUCUZA YASEMAKHAYA, IMFUCUZA YEZOHWEBU KANYE NEYANSUKU ZONKE

- Noma yimuphi umuntu oqoqa irnfcuza yasemakhaya, yezohwebo kanye nowansuku zonke (ngaphandle kwemfueuza ekhethwe uMkhandlu njengesazobuye isetshenziswe) lrueme ayifake imfueuza yasemakhaya, yezohwebo kanye neyansuku zonke emgqonyeni ovumelekile.
- Akekho umuntu ongavumela isilwane esisesandleni sakhe ukuba sisingqoqwe noma sikhakaze irnfcuza, ebekelwe ukuba iqoqwe.
- Umnikazi wezakhiwo kumele aqinisekise ukuthi-
  - awuvumelekile umlotha oshisayo, izingilazi ezingasongiwe noma olrunye okuyimfueuza yasemakhaya, imfueuza yezohwebo kanye neyansuku zonke engenza umonakalo emgqonyeni ovurulekile noma noma ongenza kulimala umsebenzi woMkhandlu noma umhlinzeki womsebenzi ngesikhathi eqhuba umsebenzi wakhe ngokwale Mithethodolobha, obokwe emgqonyeni ovumelekile ngaphambi kokuba kuthathwe izinyathelo ezifanele ukuvirnbela umonakalo noma ululimala;
  - azikho izirnpahla, kubandakanya noma yiluphi uketshezi, ngenxa yesisindo sazo esingadala ubunzima kubasebenzi boMkhandlu ukuthi bathwale noma baphakamise umgqomo, ezifakwa kulowo mgqomo;
  - yonke imigqomo evumelekile elethwe nguMkhandlu ayisetshenziselwa ezinye izimbiso okungezona ezokugeina imfueuza yasemakhaya, imfueuza yezohwebo kanye neyansuku zonke futhi, awukho umlilo oyolayithelwa emgqonyeni noma kwisiqukathi;
  - umgqomo ulethwe uMkhandlu ukuba usetshenziselwa ezinye izimbiso ngaphandle kolugeina kwemfueuza yasemakhaya, yezohwebo kanye namaphephandaba ansuku zonke, futhi ikakhulukazi ukubasa umlilo kulezi ziqukathi akuvumelekile;
  - umgqomo ubekwa ngaphandle kwalapho kungenwa khona esakhiweni singakashayi isikhathi ngosuku olunqunye uMkhandlu noma urnsebenzi ngokwazisa ongumnikazi noma osebenzisa isakhiwo, ngaphandle kwalapho kubhalwe khona isicelo sibhalwa trMkhandlu, nalapho uMkhandlu ubhale waehaza khona ukuthi wanelisekile ukuthi umuntu ukhuzekile noma akakwazi ukuhambisana nesaziso: futhi
  - umgqomo obekwe ngokuhambisana nesigaba (3) kumele ube sesimweni esikahle futhi uvalwe ngendlela efanele uluze kuvikeleke ukuchitheka kwezinto ezisiqukethe.
- Umnikazi noma osebenzisa isakhiwo kumele anikezele ngendawo noma ngezinsiza kuMkhandlu noma kumsebenzi ozibona njengezinsidingo esakhiweni ukugcina iziqukathi.
- Isikhala esinikezelwe ngokwesigaba (4) kumele-
  - sibe sendaweni yesakhiwo ezokwazi ukugcina imigqomo ngaphandle kokuthi ibonakale uma usemgwaqeni noma endaweni yomphakathi;
  - lapho kuthathwa khona amaphephandaba ansuku zonke esakhiweni -
    - ube sendaweni ezokwazi ukuvumela ukuthatha nolrususwa kwaleyo mfucuzi, isuswa uMkhandlu ngaphandle kwenkinga; futhi
    - ungabi ngaphezu kwarnarnitha angama-20 kusukela endaweni yokungena esakhiweni esetshenziselwa ukuthatha imfucuzi uMkhandlu wabasebenzi;
  - wakhelwe ukuze kwazekwe ukufinyelela nokusuka kuleso sikhala ukwenzela izithuthi zoMkhandlu zikwazi ukuqoqa imfucuzi;
  - uhambisane nezinye izidingo ezibekwe uMkhandlu ngesaziso kumnikazi noma kosebenzisa isakhiwo; futhi
  - wakhiwe ngokuhambisana nezidingo zanoma yimuphi umthethonqubo wezokwakha osetshenziswayo.
- Umhlali wasezakhiweni lrueme abeke noma enze ukuthi imigqomo ibekwe endaweni enikezelwe ngokwesigaba (4) futhi kurule ngaso sonke isikhathi ayigeine ilapho, ageine ukuthi -
  - esimweni sokwakha izakhiwo, ipulani yesakhiwo esivunyiwe, ngokusebenza kwale Mithethodolobha, noma
  - esimweni lapho uMkhandlu noma umhlinzeki womsebenzi engakwazi khona ukuqoqa nokususa imfucuzi endaweni ehlinzekiwe ngokwesigatshana (4),

uMkhandlu noma umhlinzeki womsebenzi ngokunqanda inkathazo kanye nokwazi ukuqoqa imfucuzi, ungakhornba indawo noma ngaphandle kwezakhiwo lapho imigqomo evunyiwe okumele ibekwe khona uma kuqoqwa noma kulandwa imfucuzi waleyo migqomo futhi leyo migqomo lrueme futhi ibekwe ngaleyo ndlela ngezikhathi ezithile ngaleso sikhathi ngengalokhu uMkhandlu noma umhlinzeki womsebenzi engadinga kwenzeke.

#### 14. IMALI ENQUNYIWE YEMISEBENZI YOMKHANDLU

UMkhandlu ungakhokhisa intela kumlabana noma inhlawulo yokuhlinzekwa kwemisebenzi yomkhandlu (noma kokubili).

## 15. UKUBHEKANA NOKUKHOKHELWA KWEMISEBENZI YOMKHANDLU

- (1) Umnikazi wezakhiwo uyena obhekne nokukhokhela ukunhlinzekwa kwemisebenzi yomkhandlu, futhi ngeke axolelwa ekutheni akhokhe isarnba esibekiwe ngenxa yokungayisebenzisi kwakhe, noma ngokusebenzisa ngokungaphelele noma ngokunomkhawulo, imisebenzi enikezelwe urnkhandlu noma ngabe uMkhandlu unikezela ngqo ngale misebenzi noma uthumela isisebenzi.
- (2) Isamba esibekiwe sikhokhwa ngosuku olufanayo nosuku Jokuhlolwa kwentela ekhokbiswayo.

ISAHLUKO4  
IMISEBENZI YEZOHWEDO

*INGXENYE I: UKUHLINZEKWA KWEMISEBENZI YEZOHWEDO NGABANIKAZI BAMALAYISENSI KANYE NOKUPHATHWA KOKUQHUTSHWA KWAYO.*

## 16. UKUHLINZEKWA KWEMISEBENZI YEZOHWEDO ABANIKAZI BAMALAYISENSI

- (1) Osebenza imfueuza yengadi, ongurnnikazi welayisensi ongabJinzeka ngokwenza umsebenzi.
- (2) Noma yimuphi umuntu odinga ukwenzeJwa umsebenzi kumele azenelise ngokuthi inkontileka inelayisensi yokuqoqa nokulahla kwemikhakha yemfueuza eqoqwayo futhi kumele athathe izinyathelo ukuqinisekisa ukuthi imfueuza efanele iqoqiwe futhi yalah!wa ngokwale Mithethodolobha.

## 17. IZIHLINZEKO ZOMKHANDLU WEZOKUPHATHWA KOKULAHLWA KWEMFUCUZA

UMkhandlu ungayalela, ngesaziso esishicilelwe *kwiGazethi yesiFundazwe*, ukuthi uhlobo oluthile lwemfueuza luzolahlwa endaweni ethile noma endaweni yokulabla imfueuza. Akekho umunru ongalabla imfueuza ngaphandle uma kuehazise kwisaziso segazethi ngaphansi kwalesi sigaba noma njengalokhu kubalulwe nguMkhandlu ngaphansi kornthetho onamandla ngokuqalisa kokusebenza kwale Mithethonqubo.

## 18. UKUGCINWA KWEMFUCUZA YEZOHWEDO. YEZIMBONI KANYE NEBUYE ISETSHENZISWE

- (1) Umnikazi noma umhlali asezakhiweni zalapho ezohwebo, izimbongi noma imfueuza ebuye isetshenziswe uqoqwa kumele kuqinisekise ukuthi kuze kube yileso sikhathi leyo mfueuza iqoqwa ngumnikazi welayisensi ezakhiwenioqoqwe **low**-
  - (a) imfueuza igcinwa emgqonyeni ornkhulu noma kweminye imigqomo evumelekile; futhi
  - (b) ayikho inkathazo, kubandakanya kungacini othulini, oludalwa imfueuza ngesikhathi sokuyiqoqa, ukuyigcina noma ukuyilanda

## 19. UKUQOQWA NOKULAHLWA KWEMFUCUZA YEZIMBONI, YEZOHWEDO KANYE NEBUYE ISETSHENZISWE

- (1) Umnikazi noma umhlali wasezakhiweni eziziquba ezohwebo, izimbongi kanye nemfueuza ebuye isetshenziswe kurnele aqinisekise ukuthi-
  - (a) umgqomo okugcinwe kuwo imfueuza angeke ugcinwe endaweni yomphakathi ngaphandle uma kudingeke ukuba ulandwe;
  - (b) irnfueuza iqoqwa ngumnikazi welayisensi ngezikhathi ezifanele ngemuva kokuthi yakheke; futhi
  - (c) umsebenzi owenziwa ngumnikazi welayisensi kurnele ube kuphela rnaqondana naleyo ngxenye yezohwebo, irnboni noma imfueuza ebuye isetshenziswe egunyazwe elayisensini yakhe.
- (2) Umnikazi welayisensi kumele imfueuza yezohwebo, izimbongi noma ebuye isetshenziswe endaweni yokubeka irnfueuza noma yokulahla imfueuza ekhethwe nguMkhandlu njengendawo yemfueuza ngezinhloso zesigaba 17 esingehla kanye nokuhambisana nezihlinzeko zesigaba 18.

*INGXENYE II: IMFUCUZA YASENGADINI KANYE NEMFUCUZA EMBONDELENE*

## 20. UKUGCINWA. UKUQOQWA KANYE NOKULAHLWA KWEMFUCUZA YASENGADINI NEMFUCUZA EMBONDELENE

- (1) Umnikazi noma uhlahi wasezakhiweni zalapho kudaleke khona imfueuza yasengadini, angawenza umanyolo kuphela uma ukwenza njalo kungeke kudale inkinga.
- (2) Umhlali wasezakhiweni okudaleke kuzo imfueuza yasengadini yangagqitshelwa ukwenza umanyolo noma okudaleke kuzo imfueuza embondelene kumele aqinisekise ukuthi imfueuza iyalandwa futhi ichithwa ngesikhathi esifanele ngemuva kokudaleka.
- (3) **Noma yimuphi umuntu noma urnnikazi welayisensi angasusa irnfueuza yasengadini noma imfueuza embondelene: Kuncike ekutheni uma Jeyo mfueuza seyilandiwe ezakhiweni eyakheke kuzo, iJahlwa endaweni yokubeka imfueuza yasengadini ngokuhambisana nczihlinzeko zesigaba 20.**
- (4) Esiphakamisweni esibhaliwe somhlali wasezakhiweni uMkhandlu noma urnhlinzeki ngomsebenzi ngokuqaphela angaletha imigqomo evumelekile ngenhloso yokugcina imfueuza yasengadini ngokwenezela imigqomo evumelekile esezakhiweni yokugcina imfueuza yase-makhaya. Izihlinzeko eziqukethwe esigabeni 20, ezifundwa noshintsho oludingekile, kumele zifakwe, kwimigqomo evurnelekile elethiwe ngokwesigaba kepha ezosetshenziswa ukugeina imfueuza yasengadini,
- (5) Lapho, ekwenziweni kokuhlinzeka komkhandlu ngemisebenzi, uMkhandlu noma umhlinzeki womsebenzi owenza umsebenzi, enombono wokuthi kungaba ngeono kumalungu omphakathi, ukuba kususwe imfueuza yasengadini kanye nemfueuza embondelene, uMkhandlu noma urnhlinzeki womsebenzi angayisusa leyo mfueuza uma leyo mfueuza ifakwe emigqonyeni evurnelekile okukhulunywe ngayo esigabeni 20 endaweni ekhethiwe noma yemfueuza yasekhaya, lapho inhlawulo kadoti wasemakhaya, efundwa noshintsho cludingekile, kumele isebenze.

*INGXENYE IV: IMFUCUZA YEZAKHIWO*

## 21. UKUDALEKA KWEMFUCUZA YEZAKHIWO

- (1) Umnikazi noma umhlali wasezakhiweni okudaleka kuzo imfueuza yezakhiwo kurnele azise uMkhandlu. ngokuwubhalela, ngenhloso yokudaleka kwemfueuza yasezakhiweni kanye abeke nendlela ezosuswa ngayo okungenani ezinsukwini eziyishumi nane (14) Ongumnikazi noma osebenzisa isakhiwo lapho kuzodaleka khona udoti odalwa ukwakhiwa kwesakhiwo kumele azise uMkhandlu, ngokuthi awubhalele, ngezinhloso zokudala 1010 hlobo lokul'hathwa kweMfueuza kanye nendlela ephakanyisiwe yokususa 1010 hlobo lokul'hathwa kweMfueuza zingakapheli izinsuku eziyishumi nane (14) ngaphambi kokudaleka kwaleyo mfueuza.
- (2) Umnikazi noma umhlali wasezakhiweni kumele aqinisekise ukuthi -
  - <a> ususa, yonke imfueuza yezakhiwo, kanye nayo yonke imigqomo esetshenziselwa ukufaka imfueuza, ukuqoqa noma ukuyilahla, isesakhiweni lapho kudaleke khona leyo mfueuza kuze kufike usuku lokuthi ususwe;
  - (b) izakhiwo okudaleke kuzo imfueuza yezakhiwo azisitheki noma akudali inkathazo ngenxa yokwanda kwemfueuza;
  - (c) yonke imfueuza yezakhiwo epheshulwa umoya osuka ezakhiweni ibuyiselwa ngendlela; futhi
  - (d) ngokwanoma yimiphi imiyalelo evela kuMkhandlu, yanoma yisiphi isakhiwo ezithatha imfueuza yezakhiwo siyakhiwa,

## 22. UKUGCINWA KWEMFUCUZA YEZAKHIWO

- (1) Umnikazi noma umhlali wasezakhiweni angafaka isicelo kuMkhandlu ngokutho!a imvume ebhaliswe yokubeka imigqomo yokugcina kanye nokuqoqa imfueuza yezakhiwo emgaqweni ngaleso sikhathi asibekelwe.

- (2) Noma iyiphi imvume enikezwe ngokwesigaba (1) ingamela leyo mibandela njengalokhu uMkhandlu ubona kunesidingo.
- (3) Yonke imigqomo evumelekile, yagunyazwa ngokwesigaba (1) futhi esetshenziselwa ukususwa imfueuza yezakhiwo, kumele-
  - (a) ibhalwe igama, ikheli nezinombolelo zoeingo zalowo muntu ophethe leyo migqomo;
  - (b) inikezelwe ngeshevroni noma ngokueaeisa ingaphambili nengemuva; futhi
  - (c) imbozwe ngazo zonke izikhathi ngaphandle uma kufakwa okuthize noma kuehithwa leyo mfueuza ukuze kungahitheki lokho okuqukethwe ngaphakathi.

23. UKUQOQWA NOKULAWA KWEMFUCUZA YEZAKHIWO

- (1) Urnikazi noma umhlali wasezakhiweni lapho okwakheka khona imfueuza kumele ukuba aqinisekise ukuthi imfueuza ilahlwa inelayisensi.
- (2) Yonke imfueuza kummel ukuba ilahlwe endaweni yokulahlwa imfueuza ekhethelwe ukwenza lokho uMkhandlu ngokwesaziso esingaphansi kwesigaba 23, ngaphandle uma uMkhandlu unikezele ngemvume yokuthi imfueuza yezakhiwo kunenhloso yokuthi izobuyise isetshenziswe.

*INGXENYE V: IMFUCUZA EKHETHEKILE YASEZIMBONINI, ENOBUNGOZI NOMA IMFUCUZA ENOBUNGOZI YOKUNAKEKELWA KWEMPIW*

24. UKWAKHEKA KWEMFUCUZA YASEZIMBONINI, ENOBUNGOZI NOMA IMFUCUZA ENOBUNGOZI YOKUNAKEKELWA KWEMPIW

- (1) Akekho umuntu ongaqhuba ukwenza kokudaleka kwemfueuza ekhethekile yasezimbonini, enobungozi noma imfueuza enobungozi yokunakekelwa kwempilo, ngaphandle kokwazisa uMkhandlu, ngokwakheka kwemfueuza enjalo, nokugqitshwa kwemfueuza enjalo, isilinganiselo senani elakhekile, indlela yokuwugeina, isikhathi esihlongozwayo sokuyigeina, indlela ezoqoqwa noma ilahlwe ngayo, kanye nokwaziwa komnikazi welayisensi oqoqwa leyo mfueuza: Kuncike ekutheni lapho kwakheka khona leyo mfueuza ngenxa yomsebenzi oqaliswa ngokwale Mithethodolobha, oyakhayo kumele azise uMkhandlu ngaphambi kwezinyanga ezisiyisithupha zokuwqalisa kwale Mithethodolobha.
- (2) Uma kunesidingo kuMkhandlu, ukwaziswa okukhulunywe ngakho esigabeni (1) kungalandelwa ukuhlaziywa kokusungulwa kwalolo hlobo lokuf'hathwa kwemfueuza nokungenziwa ngusokhemesi wasembonini ofanele.
- (3) Umuntu okukhulunywa ngaye esigabeni (1) kumele azise ngokubhalela uMkhandlu nganoma yiluphi ushintsho olwenzakalayo mayelana nokudaleka, ukumbozwa, inani, indlela nendawo yokulahlwa imfueuza yasezimbonini, enobungozi noma imfueuza enobungozi yokunakekelwa kwempilo.

25. UKUGCINWA KWEMFUCUZA YASEZIMBONINI, ENOBUNGOZI NOMA IMFUCUZA YOKUNAKEKELWA KWEMPILO

- (1) Noma yimuphi umuntu owenza okuthile nokungadala imfueuza yasezimbonini, udoti onobungozi kanye nodoti ongabeka impilo engeupheni, kumele aqinisekise ukuthi imfueuza leyo igcinwa ngaphakathi emgqonyeni kuze kube iyasuswa esakhiweni.
- (2) Imfueuza yasezimbonini, imfueuza enobungozi kanye nemfueuza ebeka impilo engeupheni egeinwe esakhiweni kumele igeinwe ngendlela yokuthi ingaphenduki inkinga noma idale ingozi ezimpilweni zabantu noma ulimaze imvelo, futhi igeinwe ngokuhambisana nezidingo zanoma yimiphi imithethonqubo esetshenziswayo noma iMithethodolobha.
- (3) Imfueuza yasezimbonini, imfueuza enobungozi kanye nemfueuza ebeka impilo engeupheni igeinwe emgqonyeni isikhathi esingeqile esikhathini esiehazwe uMkhandlu ngaphambi kokuthi iqoqwe.
- (4) UMkhandlu ungarnisa eminye imithethodolobha enikezela ngemigomo okumele ilandelwe nkuze yokuphathwa kwemfueuza ebeka izimpilo engeupheni.

26. UKUQOQWA NOKULAWA KWEMFUCUZA YASEZIMBONINI, IMFUCUZA ENOBUNGOZI NOMA EBEKA IMPILO ENGEUPHENI

- (1) Abanikazi bamalayisensi kuphela abangathutha imfueuza yasezimbonini, imfueuza enobungozi nernfueuza ebeka impilo engeupheni futhi kumele benze njalo ngokuhambisana nezidingo zoMkhandlu, okuehazwe njengemibandela yelayisensi noma eminye iMithethodolobha. ngohlobo lwesithuthi, omaka nangendlela esakhiwe ngayo lesi sithuthi, izinyathelo zokuphepha kanye nokuhlazeka, narnapheshana achaza mayelana nesisusa, ukuthuthwa nokulahlwa kwaleyo mfueuza nezidingo zezinye izishayamthetho,
- (2) Umnikazi welayisensi yokuqoqwa nokulahlwa imfueuza yasezimbonini, imfueuza enobungozi nemfueuza ebeka impilo engeupheni, kumele azise uMkhandlu ngezikhathi uMkhandlu ongazibhala kwilayisensi noma kwenye indawo, mayelana nokususwa kwemfueuza yasezimbonini, udoti onobungozi kanye nodoti ongabeka impilo engeupheni, usuku lokususwa kwemfueuza, ubuningi bawo, uhlobo lokuf'hathwa kweMfueuza esuswayo kanye nalapho elahlwe khona.
- (3) Umnikazi welayisensi kumele alable imfueuza yasezimbonini, imfueuza enobungozi nemfueuza ebeka izimpilo engeupheni endaweni eyakhiwe uMkhandlu uyakhela inhloso yokuthi kulahlwe kuyona futhi nangokuhambisana nezihlinzeko zesigaba 25.

ISAHLUKO5

UKUTHUTHWA NOKULAWA KWEMFUCUZA

27. UKUTHUTHWA KWEMFUCUZA

- (1) Naphezu kwezihlinzeko zezinye izishayamthetho, akekho umuntu -
  - (a) ongashayela isithuthi emgwaqeni ahambise imfueuza ngaphandle uma isithuthi sakhawe ngendlela eyanele futhi sinomzimba omkhulu ngokwanele ukuthutha 1010 hlobo lokuf'hathwa kweMfueuza;
  - (b) ongahluleka ukugeina izithuthi zokuthutha imfueuza zisesimweni esihlanzekile nesifanele ukuthi zibe semgwaqeni ngazozonke izikhathi;
  - (c) ongavumela imfueuza ethuthwayo eMkhandlwini ukuthi uwele phansi noma uxebeke kuleso sithuthi esiwuthuthayo, ngaphandle uma kuyisendaweni lapho kuehithwa khona imfueuza;
  - (d) ongalahlwa ngamabomu imfueuza endaweni lapho kungavunyelwe ukuthi kulahlwe khona 1010 hlobo JokuPhathwa kweMfueuza.

28. UKULAWA KWEMFUCUZA

- (1) Udoti oqhamuka ngaphansi komkhandlu kumele ulahlwe endaweni lapho kuvunyelwe khona ukulahlwa 1010 hlobo lokuf'hathwa kweMfueuza ngokwesigaba 17 nangokuhambisana nezihlinzeko zeminye imithetho evumela ukulahlwa kwemfueuza.
- (2) Akekho umuntu ongashisa imfueuza esendaweni yornphakathi noma okungesiyi eyomphakathi ngaphandle uma ezoshisa ngokokushisa okuvumelekile kushiswe futhi ngumuntu onelayisensi, noma endaweni evunyelwe uMkhandlu ukuthi kwenziwe njalo.
- (3) Naphezu kwezihlinzeko zesigaba (1), umuntu angahlahlwa izinhlobo ezablukeni zokuPhathwa kweMfueuza engabuyise isetshenziswe eziekhazwe uMkhandlu esazisweni ngokwesigaba 17 noma kwenye indawo lapho kwakhelwe khona ukulahlwa imfueuza yasengadini, kodwa angenza kanjalo kuphela uma 1010 hlobo lokuf'hathwa kweMfueuza lulethwe endaweni yokuehithwa imfueuza ngesithuthi esingathwala umthwalo onesisindo esifinyelela ethanini elilodwa noma ngaphansi lesisindo.

- (4) Ukulahlwa kwernfucuzwa kunoma iyiphi indawo yokulahlwa, nangaphezu kwezimo ezibekwe ngokwamandla, maqondana nezirno lezo uMkhandlu ozibekayo isikhathi nesikhathi, kubandakanye amahora okuvula nokuvala, uhlobo Twemfucuzwa okufanele ilahlwe, indlela yokulahlwa imfucuzwa kuleyo ndawo yokulahlwa kanye nezinye izinto uMkhandlu azibona zibalulekile ukuqinisekisa ukuphathwa kwemfucuzwa.
- (5) Wonke umuntu ongena endaweni lapho kulahlwa khona imfucuzwa kumele-
- angene endaweni yokungena kuleyo ndawo yokulahlwa kwemfucuzwa ebekwe ngumuntu ophethe kuleyo ndawo;
  - uma kudingeka, anikeze uMkhandlu nomá umuntu ophethe kuleyo ndawo yokulahlwa imfucuzwa ngemininingwane ephathelene nohlobo lokuPhathwa kweMfucuzwa; futhi
  - alandele yonke imiyalelo ekhishwe umphathi waleyo ndawo yokulahlwa udoti mayelana nokungena endaweni efanele lapho, nangendlela imfucuzwa okumele ilahlwe ngayo.
- (6) Akekho umuntu -
- ongaletha utshwala noma izidakamizwa ezilalisayo endaweni yokulahlwa udoti noma angene kule ndawo ebe edakwe izidakamizwa;
  - ongangena kule ndawo ngezinjongo okungezona ezokulahlwa udoti ngokwale Mithethodolobha, ngaphandle uma evumelekile ukwenza njalo evunyelwe umphathi waleyo ndawo noma uMkhandlu futhi ngezikhathi ezithile lapho uMkhandlu noma umphathi waleyo ndawo evumile;
  - ongalahla imfucuzwa yohlobo oluthile endaweni lapho lungavumelekile khona; noma
  - ongabasa umlilo eduze noma khona endaweni yokulahlwa imfucuzwa ngaphandle kwemvume.
- (7) Umuntu ophula umthetho wesigaba (6) uyena oyobhekana nezindleko ezidalekele uMkhandlu ngokubhekana nokungalahlwa kahle kwemfucuzwa endaweni yokulahlwa.
- (8) Umphathi wendawo lapho kulahlwa khona udoti angaphoqa nganoma isiphi isikhathi ukuthi isithuthi noma umgqomo wemfucuzwa esingena kuleyo ndawo ngenjongo yokuzochitha imfucuzwa sikalwe endaweni lapho kukalwa khona.
- (9) UMkhandlu, umphathi wendawo yokulahlwa imfucuzwa, isiphathimandla noma yimuphi umuntu onikezwe amandla nguMkhandlu, angahlola okukukethwe noma uhlobo lokuPhathwa kweMfucuzwa oluzolahlwa noma angathatha ingxenyana yemfucuzwa ayithathele ukuthi ahlole leyo mfucuzwa etholakale esithuthini ukuze athole ukuthi hlobo luni lokuPhathwa kweMfucuzwa.
- (10) Uruntu ophula umthetho wezinhlizwe zalesi sigaba anganqatshelwa ukulhi angene noma angasuswa kuleyo ndawo yokuJahla imfucuzwa.

## ISAHLUK06

## ABAHLINZEKA NGEMISEBENZI

## 29. ISIVUMELWANO, UKUHLUKANISWA KWEMISEBENZI KANYE NAMALUNGELO ABATHENGI

- (1) UMkhandlu ungasusa noma yimiphi imisebenzi yawo engaphansi kwesigaba 29 sale Mithethodolobha ngokuvumelana nabenzi bomsebenzi ngokoMthetho weziNhlelo.
- (2) Ngokwezinhlinzeko zoMthetho weziNhlelo noma esinye isishayamthetho, uMkhandlu unganikezela umsebenzi obukade wenziwa uMkhandlu kulowo ozowenza, ngaphansi kwale Mithethodolobha: Uma kuphela lowo msebenzi udinga lowo ozowenza ukuthi asuse isibophezelo ngaphansi kwesivumelwano sokwenza umsebenzi.
- (3) Kule Mithethodolobha amagama athi "uMkhandlu noma umsebenzi" kumele afundwe kanje "uMkhandlu" uma uMkhandlu ungekho esivumelwaneni **sokwenzelwa umsebenzi**, futhi **kumele ufundwe kanje "umsebenzi" uma uMkhandlu unesivumelwano nomsebenzi**.
- (4) Abasebenzi kurnele benze umsebenzi ngokuhambisana namalungelo abasebenzi okurnele abhalwe ngokukhulumisana noMkhandlu nokumele-
- ahambisane nezinhlinzeko zale Mithethodolobha;
  - umphakathi ufinyelele kalula kuwona;
  - usungule imigomo yomsebenzi okubandakanya izikhathi zokuqoqa; futhi
  - unikezele ngezigameko lapho imisebenzi yomkhandlu ingaba nomkhawulo.

## ISAHLUK07

## ABANIKAZI BAMALAYISENSI

## INGXENYE I: UKUBHALISWA

## 30. IZIDINGO ZOKUBHALISWA

- (1) **Wonke umuntu ofuna noma owenza umsebenzi eMkhandlwini kumele abhaliswe kuMkhandlu.**
- (2) Ukubhaliswa kurnele kube isaziso esibhalelwe uMkhandlu, futhi kumele sichaze -
- igama nekheli lomuntu owenza umsebenzi, futhi uma kuyinkarpani, kufuneka inombolo ebhaliswe ngayo, aragarna abaphathi noma **amalungu kanye nekheli lamahhovisi amakhulu** abhalisiwe;
  - uhlobo lokuPhathwa kweMfucuzwa ezothuthwa yilowo muntu;
  - uhlobo lomsebenzi, okumele luehaze inani labantu abazosizakala noma abasizakalayo kusukela ngosuku lokubhaliswa, isimo sendawo **lapho kuzosetshenzelwa khona nezindleko ezibandakanyekayo, noma ezizobandakanyeka ekwenzeni 10 msebenzi; futhi**
  - nezindawo zokulahlwa imfucuzwa ezizosetshenziswa ukuze kulahlwe imfucuzwa.
- (3) UMkhandlu kumele unikezele ngobufakazi bokubhaliswa obuehaza igama nekheli lomuntu obhalisiwe nobuchaza ngohlobo lomsebenzi **owenziwayo noma ozokwenziwa yilowo muntu.**
- (4) Lapho umuntu ebhalise khona ngokwesigaba (1) futhi umuntu -
- engakwazi ukwenza **umsebenzi wakhe emafemini;**
  - ehlanganyela nomunye urnuntu ukwenza lowe msebenzi;
  - eshintsha ubunikazi;
  - ushintsho oluphathelene nomthetho,
  - eshintsha uhlobo lomsebenzi awenzayo;
  - efuna ukuyeka ukwenza umsebenzi;
  - ebandakanyeka ekurniseni ukusebenza;
  - enyusa imali ayitholayo noma abantu abasebenzelayo ngaphezulu kwama-25%, lowo muntu kumele azise uMkhandlu ngaleso senzo futhi, nezingqinamba ezibekwe esigabeni (f) noma (g), aphinde abhalise ngokuhambisana nezinhlinzeko zesigaba (4).

## INGXENYE 11: ILAYISENSI YOKWENZA UMSEBENZI

## 31. IZIDINGO ZELA YISENSI

- (1) Ngokwesigaba 27, akekho umuntu ongenza 10msebenzi ngaphambi kokuthi aqale athole ilayisensi.
- (2) Amalayisensi akhishwe ngaphansi kwale Mithethodolobha -
  - (a) awalowo muntu kuphela futhi angeke asetsheuziswa ngaphandle kokuthola imvume ebhaliwe evela eMkhandlwini kuqala;
  - (b) asebenzela kuphela leso sikhatbi esichaziwe kwilayisensi, leso silchathi esingekwe saba ngaphezulu Mithethodolobha angavuselelwa nguMkhandlu; futbi
  - (c) angapbuewa igunya lokusebenza nguMkhandlu, ngendlelaechaziwe kwilayisensi yokuphela igunya.

## 32. ISICELO SELA YISENSI

- (1) Izieelo zelayisensi yokusebenza kumele zibhalwe efomini elicabazwe uMkhandlu. Ifomu kumele lichaze imininingwane okumele ifakwe kulo nesikhathi esikhona sokufaka isicelo, okungamele sibe ngaphansi kwezinyanga ezimbili (2).
- (2) UMkhandlu kumele ubheke isicelo ngasinye ngaphansi kwalokhu okulandelayo:
  - (a) indlela yokugcina izimali, indlela yokuphatha kanye nesipiliyoni salowo ofaka isicelo;
  - (b) imininingwane yendawo apbila kuyo, yempilo kanye nemininingwane yokupbepba yalowo ofaka isicelo;
  - (c) indlela yokuphathwa kwemfueza ezosetsbenziswa;
  - (d) neminye imininingwane uMkhandlu oyibona njengebalulekile.
- (3) Emva kokubheka isicelo ngokwesigaba (1), uMkhandlu kumele -
  - (a) wamukele isicelo ngokukhipha ilayisensi ngapbansi kwemigomo nemibandela; noma
  - (b) ungasamukeli isicelo, okumele kubambisane nezizathu.

## 33. IMIGOMO NEMMIBANDELA YELAYISENSI

- (1) Urna ukhipha ilayisensi ngokwesigaba 33, uMkhandlu kumele, ngapbansi kwezihlinzeko zesigaba (2), umise imibandela oyibona njengensidingo.
- (2) Amalayisensi akhishwe uMkhandlu kumele -
  - (a) aehaze ngendawo yokusebenzela Iowa onelayisensi;
  - (b) aehaze ngobude besikhathi sokusebenza kwelayisensi kanye nendlela yokuyivuselela;
  - (c) acbaze ngezinblobo noma ngohlobo lokulhathwa kwemfueza ezophathwa umuntu onelayisensi;
  - (d) ube nesidingo sokuthi umuntu onelayisensi kumele ahambisane nale Mithethodolobha, nemithetho yesifundazwe nekazwelonke eseshenziswayo.
  - (e) avumele lowo onelayisensi ukuthi agcine imininingwane yanyangazonke maqondana-
    - (i) nesibalo semfueza etholakele, indawo lapho kuqhamuka khona imfueza, indawo lapho umuntu onelayisensi ephethe khona izinhlobo ezahlukene zokuPhathwa kweMfueza, isibalo sohlobo ngalunye lokulhathwa kweMfueza okusetshenzwe ngalo;
    - (ii) nezigaba zokwakhiwa noma zokuhanjiswa komlilo noma igesi lapho umuntu onelayisensi ephethe khona okokubasa umlilo okunelayisensi;
    - (iii) nezenzo eziphathelene nokuzuzwa kwezinhloso zasekhaya, zesifundazwe noma zikazwelonke lapho ebeziehazwe khona, kumele futhi zibandakanye imiphumela yokuhlola;
    - (iv) nokususwa kwemfueza lapho kubandakanyeka khona umuntu onelayisensi;
    - (v) namanani abathengi; kanye
    - (vi) nezikhalazo zomphakathi
  - (f) uvumele umuntu onelayisensi ukuthi abe nendawo efanelekile nomshwalensi wokubhekana nezindawo zokulahla imfueza noma izindawo zokuphathwa kwemfuezaeziphethwe umuntu onelayisensi ngokuhambisana nohlelo lomshwalense ogunyazwe uMkhandlu ngaphansi kwelayisensi, ukugunyazwa okungeke kwabhekana noMkhandlu uma uhlelo lomshwalensi luhluleka;
  - (g) uvumele umuntu onelayisensi ukuthi aqhube elinye ibhizinisi elingekho ngaphansi kwelayisensi: Kuphela uma lelo bhizinisi Jingashayisani nemisebenzi yomuntu ekwilayisensi, nale Mithethodolobha noma eminye imithetho, noma futhi kuzokwenziwa ngesinye isikhathi eeleni;
  - (h) uveze izindlela zokushintsha kwelayisensi;
  - (i) wenze izingqinamba ezingadala ukuthi ilayisensi ingabe isasebenza noma imiswe nguMkhandlu ebese umisa indlela yokummangalela;
  - (j) umise isamba sokukhokhela ilayisensi;
  - (k) uvumele umuntu onelayisensi ukuthi athathe izinyathelo ezifanele ukuvikela abasebenzi ekutheni benze okuthile noma bashiye okunye bengakwenzile emsebenzini wabo okungaba nomthelela omubi kubantu noma empilwenijikelele;
  - (l) uvumele umuntu onelayisensi ukuthi aqinisekise ukulandelwa ngabasebenzi kwale Mithethodolobha kanye nemibandela, abaphathi kanye nabezinkontilaki, aphinde aqinisekise ukuthi abezinkontilaki banamalayisensi okugcina, ukuqoqa, ukuthutha nokulahlwa kwanoma yiluphi uhlobo lokulhathwa kweMfueza okumele basebenze ngalo; futhi
  - (m) ube nemigomo nemibandela uMkhandlu oyithatha njengedingekayo.

## 34. IZENZO EZINGA VUMELEKILE

- (1) Abanamalayisensi abavumelekile:
  - (a) ukumisa ukusebenza endaweni lapho kulahlwa khona imfueza ngaphandle kwendlela yokumisa egunyazwe i-DWAF kanye noMnyango wezeMvelo nezokuVakasha noma omunye umnyango ophethe;
  - (b) ukunganaki indawo yokulahla imfueza;
  - (c) ukuthi basebenze ngokuphula umthetho wemigomo nemibandela yelayisensi;
  14. Amathenda avulwa kubuka noma ubani masinyane nje emva kosuku lokuvala. Ngosuku lokuvala, ibhokisi lokufaka amathenda lizovulwa isikhulu esiqhamuka oPhikweni Lokulawulwa Koehungehunge Lokuthengwa Kwempahla kanye nesikhulu esiqhamuka eMnyangweni Wezinhlango Zokusebenza kanye nesikhulu esivela eMnyangweni ofanele (uma sikhona) kukhona abafake amathenda kanye nanoma ubani othandayo.
    - (a) Ekuvulweni kwamathenda ngokusemthethweni, isikhulu esiqhamuka oPhikweni Lokulawulwa Koehungehunge Lokuthengwa Kwempahla siyofunda igama negama sabafake izicelo zekwenza umsebenzi kanye nesilinganiso senani lethenda ngayinye. Uma amathenda emaningi ngale ndlela yokuthi kuzodla isikhathi ukuwafunda, kuyofundwa lawo aelwa ngabafake amathenda ukuba afundwe, uhlu oluphelele luyokhishwa masinyane.
    - (b) Ithenda iyogxivizwa ngesitembu esisemthethweni sikaMasipala yisikhulu esivela eMnyangweni Wezinhlango Zemisebenzi abuye aqinisekise ngokusayina kovulc itbenda kanye nalowo obekhona kuvulwa itbenda.
    - (c) Arnathenda kanye neqoqa lohlu kuyogcinwa uPhiko Lokulawulwa Koehungehunge Lokulawulwa Kokuthengwa Kwempahla.
    - (d) IMeneja Yochungehunge Lokuthengwa Kwempahla iyokwenza isiqiniseko sokuthi amabhokisi amathenda avalwe ngci kuze kube yisikhathi sokuthi avulwe ngokusemthethweni, nanokuthi aphephile.
- 5.3 Ukucutsungulwa Kwamathenda
- I. UmasipaJa kufanele athathe onke amathenda avunyiwe awacubungule,
  2. UmasipaJa unelungelo lokungayivumi itbenda ephansi ngokwenani noma iyiphi enye itbenda
  3. Isinqumo sikamasipala mayelana nonikezwa kwezivumelwano zomsebenzi okuhambisana nale nqubomgomo kothathwa ngokuyikho futhi kunesibopho.
  4. **Uma** isivumelwano **somsebenzi** sinikezwe **ngezizathu zolwazi oJunikeziwe**, emva **kokuphuthulwa** kwesivumelwano, **kutholakala** ukuthi ulwazi olunikeziwe akulona, urnasipala ngaphezu kokuhamba komthetho angeba nalokhu okulandelayo:
    - (a) afune zonke izindleko, ukulahlekelwa noma amademeshe enzeke ngenxa yokunikeza isivumelwano somsebenzi;
    - (b) **akhansela isivumelwano somsebenzi abuye afune amademeshe enzeke ngenxa yamalungiselelo owenze kukhanselwa ukunikezwa** kwethenda;
    - (c) afune inhlawulo yemali ethe xaxa kunalokho kwezimali obekushiwo kuyo ithenda; futhi
    - (d) avirnebele obetbole isivumelwano somsebenzi, abanimasheya kanye nabaqondisi ukuba batbole umsebenzi kuMasipala okungaba yisikhathi esingeqi eminyakeni elishurni (10).
  5. UMasipaJa uyokwahlulela amathenda avunyiwe ngokusebenzisa uhlelo lwamaphuzu oluyisipesheli oluklomelela amaphuzu ngokubheka:
    - (a) Inani elifakwe esielweni sethenda; futhi
    - (b) Ukuhlangabezana nezinhlosongqangi
- UMasipala ngokwejwayelekile unikeza isivumelwano somsebenzi ofake isicelo sokwenza umsebenzi wazuza amaphuzu aphezulu, kodwa awuzibophezeli kulokho.**
6. Umasipala, uma ehlulela amathenda, angabonelela ngokuthi atnole imikhiziqo yendawo. Ukubonelela kuhambisane nemitsetho yohlelo lwamaphuzu angama-80/20 noma angama-90/10. uma ukubonelela ngokwamaphuzu kunikezwe imikhiziqo yendawo, ukunikezwa kwaJawo maphuzu kuyocaciswa emibandeleni yethenda.
  7. Ofake isicelo sethenda wagcwalisa wasayina ingxenye yesiqinisekiso yomqulu wctbenda okuyobhekwa uhlelo lwamaphuzu oluyisipesheli,
  8. Umasipala, ngaphambi kokwahlulelwa kwethenda noma ngesinye isikhathi, angadinga ukuba ofake ithenda afakaze ngakushilo mayelana nohlelo lwamaphuzu olukhethekile.
  9. Uma kunokuhlukana kwamanani kwezikhathi ezahlukile zekhontrakthi, inani lesikhathi esithile kufanele lithathwe njengenani elimile **urnakuhambisana nencazelo 'inani elinile'**.
  10. Amaphuzu atholiwe ayolungiswa asondezelwe kokwamaphuzu angukhulwini, (45.168 > 45.17)
  - II. Uma amatbenda amabili noma ngaphezulu ethola amaphuzu alinganayo, ithenda ephumelelayo kuyoba yileyo ethole amaphuzu aphezulu uma kubhekwa amaphuzu akhethekile ezinhloso-ngqangi, Uma amatbenda amabili noma ngaphezulu elingana kukho konke, kuyonikezwa Iowa oyotonyulwa.
  12. Izimfuno zezindinganiso zaMafa (amaThrasti) ngeke zivunyelwe kubantu abangayizindlanga kanye nalabo abangabazuzimafa abarnbakanyeka ekuphathweni kwaMafa.
  13. Izinewadi ezisekela ukufaneleka okuqotho kwezindlalifa okuhlonzwa ibinza (12) ziyolethwa kumasipala.
  14. INdidiyela Yezinhlango noma uMfelandawonye, kubhekwe ingxenye yekhulu (%) yenani lesivumelwano somsebenzi esiphethwe noma esilawulwa amalungu Ababeneishwe amathuba phambilini (ama-Hlzl), kunegunya lobunini bokulingana mayelana naBebencishwe Amathuba Phambilini.
  15. Inani lamaphuzu elitholwe iNdidiyela Yezinhlango noma uMfelandawonye kufanele lihlanganise nenani lamaphuzu elitholakele ngezinhlosongqangi.

16. **Umuntu othole isivumelwano somsebenzi** ngenxa yokuba kuqokwe **yena ukuba kubenguyena othola** isivumelwano **somsebenzi, noma** eletha ubunikazi bokulingana kwaBabencishwe Arnathuba, angeke ahlangani nabanye ngaphezu kuma-25% wenani lesivumelwano somsebenzi sornuntu Ongeyena Owayencishwe Amathuba Phambilini noma ongakulengele ukuba abonelelewe.
17. Asikho isivumelwano somsebenzi esiyonikezwa umuntu ohluleka ukuletha Isitifiketi Sentela esivela eSikhungweni Sernisebenzi Yezentela SaseNingizimu Afrika (u-SARS) esiqinisekisa ukuthi izintela zalowo muntu zisesimweni esikahle noma akhona amalungiselela enziwe neSikhungweni Sernisebenzi Yezentela SaseNingizimu Afrika.
18. Abafaka amathenda ngamabili noma ngaphezulu ngaphandle kokuveza intshisekelo angeke bemukelwe.
- 5.4 Ukulawulwa Kwezivumelwano Zomsebenzi
- 5.4.1 Ukulamula  
Uma kuqubuka ukungezwani phakathi kofaka ithendalumenzimsebenzi kanye nomasipala mayelana nokuhunyushwa kwemibandela **yethenda, isivumelwano somsebenzi noma** i-oda, isinqumo **sikamasipala siyoba ngujuqu, kodwa ukusebenza kwesivumelwano somsebenzi noma se-oda** angeke kubambezeleke uma singakaphumi isinqumo.
- 5.4.2 Ama-oda  
Impahla iyolethwa futhi nemisebenzi iyokwenziwa kuphela nge-oda elisemthethweni elivela kumasipala futhi ama-akhawunti alethwayo ayofana navezwe **e-odeni noma** esivumelwaneni **somsebenzi esisemthethweni, kuye ngokohlobo lwempahla noma lomsebenzi.**
- 5.4.3 Ukupakisha, okokupakisha kanye nokokuphatha  
Othole isivumelwano somsebenzi/umenzimsebenzi kusemahlombe akhe ukupakisha izimpahla ngezindleko zakhe futhi ngendlela yokwenza isiqiniseko sokuthi akonakali noma kungalahleki lutho endleleni.  
Lapho kugcizelelwe khona esivumelwaneni somsebenzi izinto zokupakisha noma zokuphatha kufanele zibuyele emu va, kuyobuyiselwa **emuva ngezindleko zalowo othole isivumelwano** somsebenzi.
- 5.4.4 Isiqiniseko  
**Ngaphandle uma isivumelwano** somsebenzi sisho **okunye, othole isivumelwano** somsebenzi **uyonikeza** isiqiniseko sesikhathi esingaba **yizinyanga eziyishumi nambili** ukuthi **akunaphutha** erpahleni **noma emsebenzini** owenziwe **elikhona** ekukhiqizweni **kwempahla noma** ekwenziweni komsebenzi **nokuthi** impahla **ayinasici.**  
Uma kwenzeka kubakhona okungahambisani nesiqiniseko, umasipala, ngaphandle kokuphuhlisa amanye amalungelo, angafuna ukuba kulethwe enye impahla kulungiswe nalapho konakele khona ngaphandle kwezindleko kumasipala.
- 5.4.5 Inkokhelo yempahla nemisebenzi  
Kuhambisana **nemiyalelo** esesivumelwaneni somsebenzi **noma** se-oda, **othole isivumelwano** somsebenzi **uyokhokhelwa ngempahla** nomsebenzi **awenzile kuhambisana** nalezi ezilandelayo:  
1. Ekufakeleni esitolo sikarnasipala noma iyiphi indawo ekhethwe ngumasipala kwaletwa ne-akhawunti enerniningwane futhi kwabonakala ukuthi yonke impahla ikhona,  
2. Kulethiwe, kwakhiwa, kwaxhunywa, njalo njalo kwaletwa ne-akhawunti eneminingwane kwakhishwa nesitifiketi sokwenza ngokugculisayo sikhishwa isikhulu noma osebenzisana noMasipala.  
3. Inkokhelo ngokujwayelekile yenzeka emva kwezinsuku ezingama-30 uma sekutholakele isitatimende se-akhawunti kanye neminye imiqulu edingakalayo, okufanele ingabinaphutha kuyo yonke indawo. Uma othole isivumelwano somsebenzi eveza isaphulelo ku-akhawunti yakhe ngombandela wokuthi inkokhelo yenziwe ngesikhathi esithile, kuyokwenziwa yonke imizamo yokuba kutholakale lesi saphulelo.  
4. Kuwumthetho ukuba inkokhelo yenzelwe othole isivumelwano somsebenzi. Uma kukhona omunye ofuna le nkokhelo kofanele akhombise ngokubhalwe phansi ukudluliswa kwayo, amandla ommeli noma igunya anikezwe lona bese inkokhelo ifunwa incikiswe **kulokhu.**
- 5.4.6 Izixazululo urna kushoniwe, udliwelwe, ukhokhela isikweletu noma kunomthetho okuphethe  
**Uma-**  
kushone othole isivumelwano somsebenzi  
kukhona abekelwe noma isiphetho sokudliwa kwempahla nobunikazindawo  
**noma edJulisa noma** edlulisela isivumelwano **somsebenzi ngaphandle kwemvume** karnasipala;  
noma enikezela ngempahla nobunikazindawo yakhe noma enza isivumelwano nalabo abakweledayo;  
**noma kukhona abekelwe noma isiphetho sokukhokhelwa** kwesikweletu **senkampani yothole** isivumelwano **somsebenzi;**  
noma efaka izindaba zakhe ukuba ziphathwe umthetho.  
UMasipala, ngaphandle kwengcindezi yanoma yimaphi amalungelo onawo, angenza noma yikuphi kwalokhu okulandelayo:  
(a) Akhansela isivumelwano somsebenzi futhi avume noma iyiphi ithenda kulawo ayefakiwe ekuqaleni kanye naleyo yothole isivumelwano somsebenzi **noma ikuphi okunye okubuye** kwatholakala **ukuqedela** isivumelwano **somsebenzi. Kulesi simo impahla** nobunikazindawo **bothole** isivumelwano somsebenzi **angeke bubekwe** eceleni nezindleko esezidalekile **noma ezin-gadaleka** zibhekane **nothole** isivumelwano somsebenzi **mayelana nempahla engazingalethanga noma** urnsebenzi **engawenzanga ngokwezidingo ezibekiwe zesivumelwano somsebenzi** futhi **umasipala unelungelo lokubamba abuye agcine** konke kanye nobekuyizibambiso kanye nezimali ebezingakumasipala ngosuku Iwesihlakalo kuze kube konke kuyalungiswa ngokugculisayo; **noma**  
(b) Avurnele umlawulimafa, umbhekimafa, umqoqirna noma imeneja yezomthetho, noma yikuphi okufanele, emele inani nezindleko zempahla nezobunikazindawo zalowo othole isivumelwano somsebenzi ukuba aqhubeke futhi aqedele umsebenzi.
- 5.4.7 Okufanele kwenziwe othole isivumelwano somsebenzi  
Uma **kwenzeka** isivumelwano **somsebenzi sikhanselwa ngumasipala esebenzisa amalungelo akhe njengokwezimiso zemibandela,** othole isivumelwano somsebenzi kuyoba semahlombe akhe ukukhokhela umasipala ngokulahlekelwa kwakhe kanye nezindleko noma ukusebenza kwemali akuthole ngalokhu kukhansela. Umasipala uyoba nelungelo lokubuyiselwa okunlahlekele, amademeshe **noma** izindleko **ezengeziwe ngokuba ancuzule izimali eziya noma okufanele ziye kothole** isivumelwano **somsebenzi ngokwezidingo ezibekiwe zesivumelwano somsebenzi noma** yisiphi **esinye isivumelwano** somsebenzi, **noma esiqinisekiweni ebesenzelwe ukwenza** umsebenzi wesivumelwano somsebenzi futhi kuze kube yisikhathi lapho lezo zimali zokulahlekelwa, zamademeshe kanye nezindleko ezaziwa, **ukubamba lezo zimali noma** iziqiniseko **noma** izibambiso zokuvikeleka **ekulahlekelweni umasipala** angahlangabezana **noma** ahlangebazane nakho.  
Kuyoba semahlombe alowo othole isivumelwano somsebenzi ukubhekana namademeshe kanye **nokuJahJekelwa** okungabangwa ukungabibikho esimweni esikahle sempahla noma umsebenzi owenziwe ngaleso sikhathi, esikhathini esilandelayo nanoma **okwaluphi uhlobo uma kungahambisani nemibandela noma nezidingo ezibekiwe zesivumelwano somsebenzi.**

## 5.4.8 Ukudluliswa kwezivumelwano zomsebenzi

Othole isivumelwano somsebenzi angeke avele ayeke, adlulise, anikeze omunye noma abambisane nomunye ngomsebenzi noma anikezele ngengxenye yawo ngaphandle kwemvume kamasipala ebhalwe phansi.

## 6. UKUCHITHA NOKUQASmSA NGEMPAHLA KAMASIPALA

## 6.1 Ukudayiswa noma Ukuchithwa Kwempahla

ISikhulu esinesibopho sokubika, sihambisana nesigaba se-14 soMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zikamasipala (bheka Isengezo) kufanele sihambisane nokudayiswa noma ukuehithwa kwempahla kamasipala, siqiniseke ukuthi:

- Impahla engasuki idayiswa ngenani elihambisana nezimakethe, ngaphandle uma intshisekelo noma isimo sobuphofu simazonzo.
- Impahla esukayo idayiswa ngenani lesilinganiso senani, ngokuqhudelana kwesineintswano okukhangisiwe, ngokuneintisana ngamazwi arnanani noma idayiswe ngamanani ezimakethe. ISikhulu Esinesibopho Sokubika esibonayo ukuthi iyiphi indlela ezobanengeniso engcono kumasipala.
- Ukuehithwa kwamakhompuyutha kuneika ekutheni uMnyango Wezemfundo uyawadinga yini arnakhompuyutha;
- IKomidi Elilawula Izikhali LikaZwelonke ilona eliyonikeza imvume yokuchitha izibhamu.

ISikhulu Esinebopho Sokubika sivuma ukudayiswa kwempahla ebiza ngaphansi kwezi-R500,000.00 (ngokugunyazwa uMkhandlu ngaphansi kweSigaba se-14 (4) seMFMA).

Imvume yokuehitha impahla ebiza ngaphezu kwezi-R200,000.00 iyodluliselwa eMkhandlwini ngaphansi kweSigaba se-14 (2) seMFMA. Imigudu efanayo yokuchitha impahla iyosebenza ngaphansi kwale nqubomgomo yokuthengwa kwempahla, kufaka nokusebenza kweMithethonqubo noMthetho Wokuthengwa Kwempahla Okukhethekile.

Uma indawo nezakhiwo kuthengiswa ngokwenani lezimakethe, umlinganisimanani obhalisiwe uyoqagula inani lezimakethe. Ukudayiswa kwempahla ngokuncintisana noma ngokuncintisana okumenyenzwayo komphakathi kuyolandela umgudu wokuxhumana obekelwe amathenda. Ngaphezu kwalokho, kuyolulekwa ukuthi kukuphi lapho bengabuka khona impahla abangathenga noma abafake amathenda futhi baziswe ngosuku, isikhathi nendawo lapho koncintisana khona umphakathi .

Impahla edayiswe ngesivumelwano senani elingaphezu kwezi-R30,000.00 iyohlonzwa inani futhi yahlulelwe ngokwezimiso zale nqubomgomo. Ukwahlulela kuyofaka amaphuzu ngokwekhadi lamaphuzu elilinganisekile ngokweNqubomgomo yeMithethonqubo Yokuthengwa Kwempahla Okukhethekile. Impahla yenani elingaphansi kwezi-R30,000.00 ziyohlolwa uPhiko Lokulawula Kochungechunge Lokuthengwa Kwempahla, kwahlulele iSikhulu Esiphezulu Esiphethe Ezezimali bese kuvunywa iMeneja KaMasipala. Umasipala unelungelo lokungamukeli sincintiswano esifakiwe.

## 6.2 Ukuqashisa ngempahla

ISikhulu Esinesibopho Sokubika, sihambisana neSigaba se-14 soThetho Wokuphathwa Kwezimali Zikamasipala (Bheka isengezo), ngokuhambisana nokuqashiswa kwempahla kamasipala:

- siqinisekisa ukuthi impahla enganyakazi iqashiswa kuhambisane namanani ezimakethe, ngaphandle uma kunentshisekelo yomphakathi noma kunengcindezi yobuphofu; futhi
- sibuyenze minyaka yonke ukubiza okuhambisana nokuqashiswa kwempahla kamasipala.

## 7. UKUTHENGWA KWEMPAHLA OKUYISIPESHELI

## 7.1 Izivumelwano Zomsebenzi Zokuthengwa Kwempahla Ngonyaka

Mayelana nempahla edingeka onyakeni wonke, amathenda onyaka akhishwa minyaka yonke ukubhekela izidingo zangonyaka olandelayo. Amathenda Ezivumelwano Zomsebenzi Zokuthengwa Kwempahla Ngonyaka kufanele ngokwejwayelekile angedluli ezidingweni zomthamo wokuthengwa kwempahla futhi angasetshenziselwa izidingo zosuku nosuku.

ISikhulu Esinesibopho Sokubika singabeka imikhawulo yokusebenza Kwezivumelwano Zokuthengwa Kwempahla Ngonyaka uma kutholakala okudingakayo

Uhlelo Iwezikhathi zokuthengwa kwempahla luyokwakhiwa iKomidi Lezilinganiso neleZincintiswano Iibambisane neNhloko Yomnyango bese lunikezwa iMeneja Yochungechunge Lokuthengwa Kwempahla engakapheli uMbaso minyaka yonke.

Uma sezitholakele izincintiswano ziyolandela umgudu olandelwayo osebenzayo wamathenda ukuze ahlolwe futhi ahlulelwe.

## 7.2 Ukwenziwa Kwemisebenzi Yokubhanga

Imisebenzi yeokubhanga kumele itholakale ngokuncintisana kokuqhudelana kwesikhathi esingadluli eminyakeni eyisi-5 futhi kuhambisane neSigaba sesi-? soMthetho. Izincintiswano zivunyelwe kuphela amabhange abhaliswe ngokwemiyalelo yoMthetho WamaBhange, ka-1990.

Umgudu olandelwayo wokuthola inkampani uyoqala okungenani esikhathini esiyizinyanga eziyi-9 ngaphambi kokuphela kwesikhathi sesivumelwano somsebenzi esikhona ngaleso sikhathi.

## 7.3 Ukuthengwa Kwempahla Nokwenziwa Kwemisebenzi Ehambisana Nobuchwepheshe Bezokwazisa (IT)

ISikhulu Esinesibopho Sokubika singacelaEbenzisebenzi Bakahulumeni Bezobuchwepheshe Bezokwazisa (SITA) ekutholweni kwezimpahla nezinsiza ze-IT kuhambisana neSigaba 30 seZilawuli.

## 7.4 Ukuthenga Impahla Nokwenza Umsebenzi ngezinkontileka Ezingaphansi Kwezinye Izinhloko Zikahulumeni

Impahla ingathengwa noma imisebenzi ingenziwa ngokusebenzi zinkampani ezingaphansi kwenye ingxenye kahulumeni uma:

- isivumelwano somsebenzi satholakala ngomgudu olandelwayo wokuncintisana ngokuqhudelana futhi umasipala akanasizathu sokukholwa ekutheni isivumelwano somsebenzi satholakala ngokungafanele;
- kuzoba nenzuzo kumasipala: futhi
- Lolo hlaka Iukahulumeni kanye nabekampani bayavumelana ngokwenza umsebenzi okubhalwe phansi.

## 7.5 Ukuthengwa Kwempahla Edinga Amalungiselelo Ezokuphepha Ayisipesheli

Ukuthengwa kwempahla edinga amalungiselelo ezokuphepha ayisipesheli njengegesi noketshezi olunikeza amandla kufanele kube ngaphansi kwezidingo eziphansi kumasipala.

## 7.6 Ukuqasha Abenzimisebenzi

Abaqeqeshi kumele baqashwe ngokomgudu olandelwayo wokuncintisana ngokuqhudelana uma kungenzeka futhi kufanele kulandelwe imihlahlandlela yoMnyango wezezimali Kazwelonke.

Izivumelwano zomsebenzi zezinsiza zabaqeqeshi kumele zitholakale ngokomgudu olandelwayo wokuncintisana ngokuqhudelana uma inani elilinganiselwe lomsebenzi lingaphezu kwezi-R200,000.00 noma isikhathi sesivumelwano somsebenzi singaphezu konyaka.

Abancintisani kumele baveze imininingwane yayo yonke imisebenzi yoqeqesho eyenzelwa uhulumeni erninyakeni emihlanu eyedlule.

Umasipala uyokwenza isiqiniseko sobunikazi, amalungelo nobunini bornkhiqizo wanoma imuphi urnshini, utho, uhlelo noma umgudu olandelwayo okhona noma okuhlelwe umqeqeshi ngesikhathi sernisebenzi yomqeqeshi kusemandleni kamasipala.

## 7.7 Izinkampani Eziletha Izimali Zokunxephezela Ngemali Engenayo

**Uma umenzimsebenzi** esebenza esikhundleni **sikamasipala njengohambisa anikezele** ngezirnali **noma oqoqa** izimali ze zinsiza **nezintela, isi-bonelelo** siyokhokhwa ngokwephesenti okwavunyelwana ngalo lokusabalalisa noma lokuqoqa, kufanele isivumelwano somsebenzi phakathi **komenzimsebenzi nomasipala Ivezelwe lokhu:**

(a) isinxephezelo siyohambisana nomsebenzi owenziwe; futhi

(b) Izinguquko emalini engena ngenxa yezinguquko zenani lemali enikezelwayo noma zezinsiza/intela kufanele kubekwe eceleni uma kuhlonzwa isibophezelo.

## 8. IMIGUDU ELANDELWAYO YOKULAMULA

1. Abenzimsebenzi abangenelisekile ngesinqumo sikarnasipala mayelana nesilinganiso senani noma ngethenda bangadlulela eSikhulwini Esinesibopho Sokubika. uma nje lokho kudluliswa kufakwa kumasipala ngalezi zindlela:

(a) Ngezilingfaniso zenani, zingakapheli izinsuku ezi-5 zokusebenza kusukela osukwini lokuqala isilinganiso senani esivunyiwe esafakwa ngalo ohlwini ngokwezinhlinzako zeSigaba sesi-9 esingenhla,

(b) Okwamathenda., zingakapheli izinsuku eziyi-14 zokusebenza kusukela osukwini lokuqala ithenda evunyiwe yafakwa ngalo ohlwini ngokwezimiso zeSigaba 9 ngenhla,

2. Abenzimsebenzi kumele bahlinzeke ngeminingwane yezizathu zokudlulisa ukunganeliseki kubandakanye nalokho okungahambisani nale nqubomgomo, noMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zikamasipla kanye nemithetho ehambisana nalokhu.

3. ISikhulu Esinesibopho Sokubika siyoletsa incwadi ekhombisa ukusithola isiduliso kulowo onganelisekile futhi sizarne ukuphetha izikhalo ezinsukwini zokusebenza eziyi-10 sesithole izikhalo. Uma lokhu kungenzeki, iSikhulu Esiphethe sizokwazisa onganelisekile ngokubambezeleka kubhalwe phansi.

4. Uma isiduliso sigxile odabeni olunxakanxaka luphathelene nobuchwepheshe noma uma iSikhulu Esinesibopho Sokubika sibona ukuthi kunesidingo siyoqoka umeluleki ozirnele ongachemile uma nje lokho kuhambisana nale nqubomgomo.

5. ISikhulu Esinesibopho Sokubika asilandeli umqondo womuntu

6. ISikhulu Esinesibopho Sokubika siyonquma uma isedluliso sinezizathu zokubambezeleka kokuthola usizo koletha usizo sibuye sibheke ukuthi ukubambezeleka kufanelekile yini,

7. Uma iSikhulu Esinesibopho Sokubika sibona ukuthi kunezizathu zokubambezeleka, umenzimsebenzi ovunyiwe uyokwaziswa ngokubhalwe phansi izizathu zokubambezeleka.

8. Uma isinqumo ngesedluliso sesikhishiwe iSikhulu Esinesibopho Sokubika siyokwazisa odlulise isikhalo ngomphumela ngokubhalwe phansi.

## 9. UKUGCINWA PHANSI KWEZINCINTISWANO

Ukubhalwa phansi kwazo zonke izincintiswano kufanele lokhu okulandelayo:

**1. Izidingo zokuncintisana kufanele zibe amaRandi;**

2. Izidingo zabancintisani kufanele ziveze inombolo yentela, inombolo yokubhaliselwa kwebhela Yempahla (i-VAT) kanye nokutholakala kwakho noma inombolo yokubhaliswa kwenkampani

3. Ukuthengwa kwempahla okubiza ngaphezu kwezi-R10,000.00 kumele kulethwe okukhombisa ukuthi ezentela zongenele umncintiswano zisemweni esikahle okuvela eSikhungweni Semisebenzi Yezentela SaseNingizimu Afrika (i-SARS);

4. Kufanele umncintisani aveze ukuthi kukhona intshesekelo ngokweSigaba sama-20 (f) seMithethonqubo kwakhe noma komunye welungu lomndeni.

**5. Izidingozemihlangano yesizinda somsebenzi nomakwezithangami zokufakana imilomo, uma kusekhona;**

6. Izindlela ezilandelayo zokuhlola noma zokwahlulela kubandakanye nanoma iyiphi enye indlela eMithethweni Wohlaka Lwenqubomgomo Yokuthengwa Kwempahla Ekhethekile kanye neminye imithethonqubo esebenzayo.

7. Inqubo yokuhlunga kanye nemigudu elandelwayo yokuhlola ezokuphepha kwezinkontileka kumathenda angaphezu kwezi-R500,000.00.

8. Lapho kulindeleke ukuba inani libe ngaphezu kwezigididi ezili-10 zamarandi, akulethwe imiqulu nolwazi okudingwa iSigaba sama-20 (g) seMithethonqubo;

9. Isidingo esiphokelekile sokuveza noma yini eshayisana nentshisekelo yalowo ongathola isivumelwano somsebenzi angabanakho kanye **nokukhishwa inyumbazane kwaloyo othole isivumelwano somsebenzi kulawo mathenda noma kulokho kuncintisana.**

10. Izidingo zokuthi umuntu akhishwe inyumbazane ngaphansi kweSigaba se-t12 (1) (f) soMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zikamasipala kubandakanya nabantu ababoshelwe ukukhwanisa nenkohlakalo, abahluleke ukwenza umsebenzi wesivumelwano somsebenzi sikahulumeni, noma ezentela zabo zingocobho eSikhungweni Semisebenzi Yezentela SaseNingizimu Afrika (SARS).

11. Uqagule ukuthi ukungezwani kolanyulwa ngokungokubonisa, ukubhula umlilo (kukhona noma engekho owomthetho) noma uma kungalungi, kuyiwe enkantolo yomthetho yaseNingizimu Afrika;

12. Izinqubo nemigudu kokuphathwa kwezivumelwano zornsebenzi kufaka nokubekelwe iSikhulu Esinesibopho Sokubika ukukhansela isivumelwano **somsebenzi uma umsebenzi ungagculisi;**

13. Imiqulu nokunye okungadingwa nguMthetho Wokuphathwa Kwezimali, uHlaka Lokulawulwa Kochungechunge Lokuthengwa Kwempahla, iNqubomgomo Nemigudu Elandelayo Yokulawulwa Kochungechunge Lokuthengwa Kwempahla Kamasipala kanye nanoma yiziphi iziqondiso Iochungechunge Lkuthengwa Kwempahla eMnyangweni Wezezimali Kazwelonke;

14. Irnibandela ejwayelekile yesivumelwano somsebenzi; kanye

IS. Nezidingo zeBhodi Lkuthuthukiswa Kwezimboni Zokwakha odabeni oluphathelene nokwakha, ukulungisa noma ukuthuthukiswa kwezakhiwo **noma izinqalazizinda.**

## 10. UKUPHATHWA KWEZIVUMELWANO ZOMSEBENZI

Uma iSikhulu Esinesibopho Sokubika sesinikeze isivumelwano **somsebenzi ngokwezincinome zeKomidi Elahlulela** Izincintiswano, kuba **semahlombe oMnyango obone isidingo sesivumelwano sornsebenzi ukulawulwa kwaleso sivumelwano somsebenzi.**

Mnyango ngamunye uyosungula uphinde ubuyekeze izinhlelo zokulawula umsebenzi 'ezifancle kubandanye nokugcinwa kwamarekhodi ukwenza isiqiniseko sokuthi izivumelwano zornsebenzi ziphethwe ngendlela efanele nokuyiyo.

Izivumelwano zornsebenzi ezifakela ngempahla nezenza imisebenzi eminyangweni eyehlukene ziyolawulwa wumnyango ofanele.

Izinhlinzako zokukhansela kwesivumelwano sornsebenzi ngenxa yomsebenzi ongagculisi kanye nezindlela ezilungile ezingalandelwa ukukhansela kuyofakwa emqulwini ofanele wokuncintisana. ISikhulu Esinesibopho Sokubika esingakhansela isivumelwano somsebenzi esinikezwe umuntu:

(a) Uma lowo muntu enze noma luhlobo luni lwenkohlakalo noma ukukhwanisa ngenkathi kuncintiswano ngesivumelwano somsebenzi; noma

(b) Isiphathimandla noma omunye omunye obambe iqhaza kulokho enze isenzo senkohlakalo noma ukukhwanisa ngenkathi kuncintiswano kuhlomulise lowo muntu.

## 11. UKUZIPHATHA NOKUQEQESHA KWABASEBENZI

**ILI** Ukuziphatha Kwabasebenzi

**Akukho muntu** ofaka **isicelo sokuthenga** irnpahla **noma** ukwenza **umsebenzi** oyosho **okungaphansi kwezidingo zamanani** alinganiselwe, ngenhloso yokugwema ukuba alandele inqubo yokuthengwa kwempahla eqinile, okungukuthi akuvumelekile ukuconzulwa kwezidingo.

Abasebenzi bangaxhumana kuphela nabenzimsebenzi usizo mayelana nesilinganiso senani noma ithenda lapho kudingeka incazelo yezidingo phakathi kwabo, noma lapho isikhulu esinesibopho sokubika sixoxisana nabancintisani abakhethekile abahlonziwe kuhambisane nale nqubomgomo. Inqubo Yokuziphatha ebekwe eMthethweni Wezinhlalo Zikarnasipala, oHlakeni Lokulawulwa Kochungechunge Lokuthengwa Kwempahla kanye naseNqubeni Yokuziphatha Yokulawulwa Kochungechunge Lokuthengwa Kwempahla.

Abasebenzi bayozama ngokusemandleni ukuziphatha ngokusemazingeni aphezulu uma besebenzisa le nqubomgomo futhi bahambisane neSigaba sama-42 sol-flaka Lokulawulwa Kochungechunge Lokuthengwa Kwempahla kubandakanya:

- Ukuphatha wonke umuntu ngokulingana;
- Ukungasebenzisi izikhundla zabo ukuze bazuze noma bahlomule ngokungernthetho komunye umuntu;
- Ukungemukeli umhlomulo, isipho noma ukwenzelela hona noma izihlobo eziseduze kwabo;
- Ukudalula intshisekelo yaho kulokho okuthengwayo noma ekuqhutshweni kokuchithwayo kanye nokwalokho kwesihlobo esiseduze noma esisondelene nabo futhi siziqhelelanise naleyo nqubo;
- Sisize iSikhulu Esinesibopho Sokubika ukunqanda ukusetshenziswa ngokungemthetho koHlelo Lokulawulwa Kochungechunge Lokuthengwa Kwempahla kubandakanye nokubikwa kwezigameko zokuziphatha budedengu.

Abasebenzi kumele baveze obala eSikhulwini Esinesibopho Sokuhika yonke imininingwane yemihlomulo, yezipho, yokwenzelela, yokuternukiswa, **noma iyiphi eminye imihlomulo** ethenjisiwe, **enikeziwe noma etholakele kulowo muntu noma kulelo Jungulomndeni elisondele, abambisene** naye **noma azwana** nanye.

Uphiko Lokulawulwa Kochungechunge Lokuthengwa Kwempahla luyoba nerejista lapho kubhalwa khona okuvezwa obala okuyizidingo zeSigaba sama-42 sol-flaka hese sibika okuvezwe obala eSikhulwini Esinesibopho Sokubika ukuze kunikezwe uSodolobha. Imeneja kaMasipala iyoqondisa izigwegwe ngokushesha zalowo ongahambisananga nalezi zidingo.

## 11.2 Ukuqeqesha Kwabasebenzi

Umasipala uyolettha izidingo noma amathuba eSikhulwini Esinesibopho Sokubika kanye nezikhulu ezifanele ezibandakanyekayo ekusebenziseni le nqubomgomo ukuba bathole ukuqeqesha kuhlangebezane namazinga adingakayo okwenza ngokufanele ngaphansi koMthetho kube ngokweSifundo sesi-6 se-SAQA ekulawulweni Kochungechunge Lokuthengwa Kwempahla okuba yingxenye yokuthola iSitifiketi kuBasebenzi Bezokuphathwa Kwezimali Zikamasipala okuyohambisana nala mazinga arnakhono kusukela mhla lu-I kuNtulikazi 2006..

## 12. UKUVIMBELA UKUSEBENZISA BUDEDENGU UKULAWULWA KOCHUNGECHUNGE LOKUTHENGWA KWEMPAHLA

Isikhulu Esinesibopho Sokubika siyothatha izinyathelo ezifanele ekwenzeni lokhu okulandelayo-

Ukunqanda ukusebenzisa budedengu uHlelo Lokulawulwa Kochungechunge Lokuthengwa Kwempahla

Ukuphenya izinsolo zokusebenzisa budedengu noma zokwahluleka ukuhambisana nalolu hlelo; futhi

Uma kufanelekile, kuthathlwe izinyathelo ezifanele iziphathimandla noma abanye ababambe iqhaza.

**Akukho menzimsebenzi noma ongenza umsebenzi wokufakela ngempahla noma owenza umsebenzi kumasipala, noma kowamukelayo noma onga-**rukela ongalettha noma anikeze umhlomulo, isipho, ukuzwelana, ukutetemukisa kulethwa ngqo noma ngenye indlela kumsebenzi noma komunye obambe iqhaza ekusebenzisweni kweNqubomgomo Yokulawulwa Kochungechunge Lokuthengwa Kwempahla.

Isikhulu Esinesibopho Sokubika siyobika okuyizinsolo zokungahambisani noMhetho eMnyangweni Wezesizimali Kazwelonke ukuze sicubungule ukufakwa kwabantu ohleni lukahulumeni lwalabo abangavumelekile ukusebenzisana nohulumeni.

## 13. UKWEDLULISELWA KWAMANDLA KANYE NEMITHETHO EBEKIWE

1. UMkhandlu uyodlulisele eSikhulwini Esinesibopho Sokubika amandla nemisebenzi edingekayo yokuLawulwa Kochungechunge Lokuthengwa Kwempahla ukuze iSikhulu Esinesibopho Sokubika sikwazi:-

- ukwandisa ezokuphatha nokusebenza okuphusile;
- ukufaka izindlela ezifanele zokusebenzisa imali ukunqanda ukusetshenziswa budedengu kwenqubomgomo kanye nomthetho, futhi
- Ukulandela ukuhambisana nokusebenza kwaso ngaphansi kweSigaba se-115 kanye nezinye izimiso zoMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zikamasipala.

2. . Kusemablombe eSikhulu Esinesibopho Sokubika ukuqinisekisa ukuthi le nqubomgomo iyasebenza futhi iyalandelwa.

3. ISikhulu Esinesibopho Sokubika siyobhala incwadi egunyaza iKomidi Elablulelayo ukuba linikeze izincintiswano zenani elingafinyelela esi-R1,000,000.00. okungaphezu kwaleli nani iSikhulu Esinesibopho Sokubika siyonikeza izincintiswano silandela okunconywe iKomiti Elablulelayo.

4. Lapho ukuthengwa kwempahla kungaba nomthelela kusabelozimali esilandelayo, iSigaba sama-33 soMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zikamasipala esimayelana **nezivumelwano zomsebenzi** ziyolandelwa,

5. Ernva kokuvunywa kwale nqubomgomo nguMkhandlu, iSigaba sama-33 (1) angeke sisebenze ezivumelwaneni zomsebenzi zenani elingaphansi kwezi-R200,000.00 ngonyaka noma ezivumelwaneni zomsebenzi ezimayelana naJokhu okulandelayo:

- Amalayisense emisakazo noma** ezimoto
- Izivumelwano zomsebenzi zokunakekela impahla yasernahhovisi
- Ukusika utshani

6. Uma ukuthengwa kwempahla kungumklamo omkhulu, iSigaba se-19 soMthetho Wezokuphathwa Kwezimali Zikamasipala siyolandelwa mayelana nesabelozimali kanye nokunquma inani lemiklamo emikhulu.

7. NgokweSigaba 50-19 (3), emva kokuvunywa kwale nqubomgomo, uMkhandlu ungayivuma imiklamo emikhulu sebenzi engaphansi kwezi-R500,000.00 kurnuntu oyedwa noma engxenyeni yohlelo oludidiyele izinkampani.

## 14. UKUBIKA

## 14.1 Ukubika Nyangazonke

- Zisasele izinsuku ezili-IO ngaphambi kokuba kuphele inyanga iSikhulu Esiphezulu Esiphethe Ezezimali siyoJetha umbiko eSikhulwini Esinesibopho Sokubika ngohlu lokuthengwa kwempahla lapho kutholakale khona izilinganiso zenani ezi-3 kuhambisana nencazelo efanele
- Zingakapheli izinsuku ezili-IO kade kuphele isikhathi sezinyanga ezintathu iSikhulu Esinesibopho Sokubika siyohambisa umbiko kuSodolobha ngokusebenza kweNqubomgomo Yokulawulwa Kochungechunge Lokuthengwa Kwempahla. Lo mbiko uyokwaziwa ngumphakathi ngokwesaziso esiyoba semaphephandabeni endawo, ufakwe emabhodini ezaziso kanye nakuwebhusayithi kamasipala.

## 14.2 Ukubika Minyakayonke

Kusasele izinsuku ezingama-60 ungakapheli unyaka wezimali, iSikhulu Esinesibopho Sokubika siyoletha umbikoeMnyangweni Wezezimali Wesifundazwe mayelana nokuphathwa koehungehunge lokuthengwa kwempahla kamasipala ngokohlelo olusazohlonzwa uMnyango Wezezimali Kazwelonke.

## 14.3 Okanye Ukubika

- (a) Impahla noma imisebenzi eyenziwa ngaphansi kweSigaba se-IIO (2) soMthetho, kwezinye izinhlaka zikahulumeni lapho le nqubomgomo ingasebenzi khona, njengengxenywe yesabelozimali sonyaka noma kube yinqubo eseceleni. Ukwazisa umphakathi kuyobandakanya uhlobo lwempahla noma imisebenzi kanye negama lenkampani
- (b) Uma kube nokwehluka ezidingweni zokumema izineintiswano ngokuqhudlana, isikhulu esinesibopho sokubika siyobika ernhlanganweni olandelayo woMkhandlu ngezizathu futhi sifake lolu daba eZitatimendeni Zezimali Zonyaka.

## 15. UKUSEBENZA NOKUBUYEKEZWA KWENQUBOMGOMO

- (a) Le nqubomgomo isebenza kuyo yonke impahla nemisebenzi eyenziwayo kanye nasekuchithweni kwempahla kamasipala ngaphandle uma kuyilesi sigaba esikhululayo.
- (b) Le nqubomgomo ayisebenzi ekuthengweni kwempahla nasekwenziweni kwemisebenzi kwezinye izinhlaka zikahulumeni ngokweSigaba se-IIO (2) soMthetho Wokulawulwa Kwezimali Zikamasipala uma nje isivumelwano somsebenzi satholakala ngenqubo yokuncintisana futhi **uhJaka lukahulumeni kanye nomenzirnsebenzi bevumelene ngokwenziwa kornsebenzi ngokubhalwe phansi.**
- (c) Le nqubomgomo iyobuyekwezwa njalo kanye ngonyaka njengengxenywe yokubuyekwezwa kwezinqubomgomo kuhambisana nenqubo yesabelozimali.
- (d) ISikhulu Esinesibopho Sokubika siyophuthuma sakhe imigudu yokulekelela ukusebenza, ukuphathwa kanye nokulawulwa kwale nqubomgomo kubandaka nezindlela zokuphathwa kwezokuphepha nokusebenza kuharnbisane neSigaba sama-40 nesama-41 ngokulandelana koHlaka **lomsebenzi.**

## 16. IQHAZA LOKUQAPHA KOMKHANDLU

Iqhaza elibanjwa uMkhandlu ukwenza isiqiniseko sokuthi iSikhulu Esinesibopho Sokubika sisebenzisa le nqubomgomo kube ngaphansi kokusebenza komthetho.

ISikhulu Esinesibopho Sokubika siyobika eKomidini Elikhulu kusasele izinsuku eziyi-IO ngaphambi kwesikhathi esiyizinyanga ezintathu mayelana nokusebenza kwale nqubomgomo. Ngaphezu kwalokho, iSikhulu Esinesibopho Sokubika siyoletha 10 nrbiko eMkhandlwini njalo ngonyaka zingakapheli izinsuku ezingama-30 ngaphambi kokuphela konyaka wezimali noma uma kunezinga ezinkulu zokusebenza kwale nqubomgomo.

## 17. IMITHETHO KAMASIPALA

Umkhandlu uyokhipha imithetho kamasipala efanele ukuze iqalise ukusebenza kwale nqubomgomo Yokulawulwa kochungeebunge Lokuthengwa Kwempahla.

## 18. ISENGEW: IZIDINGO ZOMTHETHO

Okwengezwe kule nqubomgomo ukubeka ngendlela ezwakalayo koMthetho Wohlaka Lwenqubomgomo Yokuthengwa Kwempahla Ekhethekile kanye nokoMthetho Wokuhlomulisa Abamnyama Kwezomnotho Ovulekile kanye nezigaba ezifanele zoMthetho Wokuphathwa Kwezimali ZikaMasipala. Le nqubomgomo kufanele ifundwe ihambisane nokushiwo uHlaka Lokulawulwa Koehungehunge Lokuthengwa Kwempahla kanye neMithethonqubo Yokuthengwa Kwempahla Ekhethekile, eseluhlaka, ka-2004.

## ISENGEZO

## UKUBEKWA NGENDLELA EZWAKALAYO KWEZIDINGO ZOMTHETHO

## INGXENYE 1: UMTHETHO WOHLAKA LWENQUBOMGOMO YOKUTHENGWA KWEMPAHLA EKHETHEKILE

Umasipala kumele ahlonze inqubomgomo yokuthengwa kwempahla ekhethekile

Le nqubomgomo kumele iqaliswe ngokohlaka olulandela uhlelo lwamaphuzu olukhethekile:

mayelana nezivumelwano zomsebenzi zenani ngokweRandi elingaphezu kwaJelo elinqunyiwe, amaphuzu angeqile kwayi- IO kufanele ahelwe izinhloso ezishiwo ngezansi, uma nje inani eliphansi lethenda eyamukelekile ithola amaphuzu angama-90.

mayelana nezivumelwano zomsebenzi zenani ngokweRandi elilingana noma elingaphansi kwenani elinqunyiwe, amaphuzu angeqile kwangama-20 kumele ahelwe izinhloso ezishiwo ngezansi, uma nje inani eliphansi lethenda eyamukelekile ithola amaphuzu angama-80.

Amanye amathenda avumelekile anenani eliphuzulu kufanele azuze amaphuzu ambalwa, ngokwabelwa ngokuhlukana okuhambisanayo, kubalwa ngokwamanani amathenda kuhambisana nenani eliphansi elivunelekile, ngokwezimiso zendlela yokubala ebekiwe.

Izinhloso ezinqala ezibekwe ngumasipala zokuthengwa kwempahla okukhethekile kumele kubandakanye ukunikezelwa kwezivumelwano zemsebenzi kubantu, noma imikbakhha yabantu abebencishwe amathuba phambilini, ngokobuhlanga, ngokobulili noma ngokukhubazeka.

Izinhloso ezinqala zenqubomgomo kufanele futhi zifake ukusebenza kwezinhlelo zokwakha kabusha kanye nohlelo lokuthuthukisa njengoba kushicilelwe kuSomqu!u Kahulurneni wombla zingama-23 kuLwezi 1994.

Zonke **izinhloso ezinqala ezabelwa iphuzu kufanele zicacise** ngokusobala **esimemweni** sokuletha **amathenda.**

Umasipala kufanele anikeze isivumelwano somsebenzi kumutu ofake isieelo sokuthola ithenda ozuze amaphuze aphezulu uma kungenjalo, akwazi ukuveza izindlela zokuhlisiwe ngaphezu kwalezi ezivezwe ngenhla ukuze kube nobulungiswa kumele omunye ofake isieelo sokuthola ithenda.

Izinhloso ezinqala ezihlonzwa ngumasipala ngokwenqubomgomo yokuthenga impahla ekhethekile kufanele zikalake, zikwazi ukubalwa futhi ziqapheleke.

## INGXENYE 2: UMTHETHO WOKUTHUTHUKISA UMNOTHO KWABAMNYAMA OVULEKILE

UNgqongqoshe Wezohwebo Nezimboni angakhipha iziNdelela zokusebenza ezinhle ngokwezinhlinzekil zikaSomqulu zokuthuthukisa umnotho wabamnyama okufaka (phakathi nkunye) lokhu okulandelayo:

ukuqhubezela ukuhunyushwa nokuehazwa kokuthuthukiswa komnotho wabamnyama okuvulekile kanye nokuhunyushwa nokuehazwa kwemikhakha ehluke kwezinhlaka zokuthuthukiswa komnotho wabamnyama.

izindlela zokwamukeleka ngezinhloso zokukhethekile zokuthengwa kwempahla kanye neminye imisebenzi yomnotho

izinkomba zokukala ukuthuthukiswa komnotho wabamnyama okuvulekile; kanye

**nesisindo** esizohambisana **nezinkomba zokuthuthukiswa** komnotho wabamnyama **okuvulekile**

Ingxenywe kahu\umeni kanye nokomphakathi kufanele kucabangele ngokwanele, kusebenzise izimiso zokusebenza okuhle ngokwezinhlinzeko zoMthetho wamanje ku:

**hlonzwa izindlela zokwamukeleka zokukhishwa kwamalaysensi, izirivume noma amandla okusebenza okuhambisana nemithetho;**

thuthukiswa futhi kusetshenziswa inqubomgomo yokuthola okukhekile;  
hlonzwa izindlela zokwamukeleka zokudayiswa kwemisebenzi ephethwe nguhulumeni; kanye  
thuthukiswa izindlela zokusebenzisana nezinkampani ezizimeJe.

UNgqongqoshe kufanele aveze icebo lokuhlonyuliswa kwabarnnyama ngokomnotho okuvulekile. Leli cebo kufanele:

linikeze indlela edidiyele, enokuxhumanisa nefanayo ekuhlonyulisweni kwabarnnyama ngokomnotho okuvulekile kwazo zonke izingxeny zikahulumeni, izinkampani ezizimele, izinhlangano ezingahlangene nohulumeni, imiphakathi yendawo kanye nababambe iqhaza.

lakhe isu lokunikeza imali ekuhlomuliseni abarnnyama ngokomnotho okuvulekile; futhi

linikeze uhlelo lwezingxeny zikahulumeni, okornphakathi kanye nabanye bamabhizinisi ukulungiselela amasu okuhlomulisa abarnnyama ngokomnotho okuvulekile kanye nokubika ngokuhambisana nalawo masu.

INGXENYE YESI 3: UMTHETHO WOKUPHATHWA KWEZIMALI ZIKAMASIPALA (MFMA) UNOMBOLO 56 KA-2003

ISIGABA 14: Ukuchithwa Kwempahla Ebalulekile (ekhiqizwa kakhulu)

1. Umasipala angeke edlulisa ubunikazi ngokudayisa noma ngaluphi olunye uhlobo lokudlulisa noma achithe unomphelo impahla ebalulekile edingeka ukuba ilethe izinsiza ezingqala ngokwezininga eliphansi kurnasipala
2. Urnasipala angeke edlulisa ubunikazi noma achithe impahla ebalulekile ngaphandle kwalokho okushiwo esigatshaneni soku-I ngenhla, kodwa emva kokuba umkhandlu karnasipala usuhlangene nomphakathi-
  - (a) Kwanqunywa ngezizathu ezingqala zokuthi impahla iyadingeka ukwenza umsebenzi onqala kumasipala; futhi
  - (b) Kwacutshungulwa inani lezimakethe eliyilo nokusizakala komnotho nomphakathi okungatholakala ngempahla
3. Isinqumo somkhandlu karnasipala sokuthi impahla ebalulekile ayidingeki ukufeza imisebenzi enqala esezingeni elinphansi emisebenzini kamasipala, ngeke kwaguqulwa ngurnasipala emva kokudayiswa, ukudlulisa noma ukuchithwa kwayo.
4. Umkhandlu karnasipala ungadlulisela arandla esikhulwini esinesibopho sokubika sikamasipala ukubhekelela okublonzwe esigatshaneni sesi-2.a. no b. mayelana nempahla esusekayo engaphansi kwenani elihlonzwa umkhandlu.
5. Ukudlulisa kobunikazi bempahla esemqoka ngokwesigatshana sesi-2. noma sesi-s. kufanele kube nobulungiswa, kulinganiseke, kube sobala, kuqhudelane futhi kuhambisane nenqubomgomo Yokulawulwa Kochungechunge Lokuthengwa Kwempahla okufanele umasipala abenakho futhi akugeine kusesimweni esifanele ngokwezinhinzeke zeSigaba se-III soMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zikarnasipala,

ISIGABA 19: Imisebenzi Ebalulekile

- I. Umasipala angasebenzisa imali emisebenzini ebalulekile kuphela **uma-**
  - (a) imali yomsebenzi, kungabalwa izindleko zenhlo ezenzeke futhi kwenziwela umasipala, incsabelo kusabelozimali esishiwo eSigabeni se-17 (2);
  - (b) umsebenzi, kufaka nazo zonke izindleko, kuvunywe uMkhandlu;
  - (c) izinhlinzeke zeSigaba sama-33 zilandelwe, ngendlela yokuthi lesi sigaba singasebenza kulo msebenzi; futhi
  - (d) imithombo yokutholakala kwezimali icutshungulwe, iyatholakala futhi ayibekelwe ukwenza eminye imisebenzi.
2. Ngaphambi kokuvunywa komsebenzi omkhulu ngokwezinhlinzeke zesigatshana soku-Lb, uMkhandlu kufanele **ucabange-**
  - (a) Ngezindleko zayo yonke iminyaka yezimali kuze kube umsebenzi uyaqala ukwenziwa; futhi
  - (b) Izindleko zokusebenza ngomuso kanye nengenisomali lomsebenzi, kubandakanye nemithelela yentela nezimali zikamasipala
3. Urnkhandlu karnasipala ngokwezinhlinzeke zesigatshana soku-Lb ungavuma imisebenzi emikhulu engaphansi kwenani elinqunyiwe ngalinye noma njengexenye yohlelo lomklarno olukhulu olubambisane.

SECTION 33: Izivumelwano Zomsebenzi Ezinomhlelela Kusabelozimali

Sangomnso

1. Umasipala angangena esivumelwaneni enezibophezelo zezimali ezihamba zedlule unyaka wezimali karnasipala. uma isivumelwano sornsebenzi sinesibophezelo sezimali ezihamba zedlule unyaka wezimali karnasipala kuhamba ngaphezu kwerninyaka ernithathu kusabelozimali sonyaka kulowo nyaka wezimali, kungenzeka lokho kuphela **uma -**
  - (a) iMeneja Kamasipala, okungenani kusasele izinsuku ezingama-60 ngaphambi komhlangano womkhandlu kamasipala lapho kuyovunywa khona isivumelwano somsebenzi:
    - (i) kuhambisana neSigaba sarna-ZI A soMthetho Wezinhlelo Zikamasipala-
      - (aa) kwabikelwa umphakathi ngohlaka lwesivumelwanosomsebenzi kanye nangesitatirinde solwazi esiqoqa ukuzibophezela kurnasipala ngokwezimiso zesivumelwano somsebenzi esihlongozwayo;
      - (bb) kwamenywa umphakathi wendawo kanye nabanye abanentshisekelo ukuba balethe kumasipala ukuphawula noma okungabekwa mayelana nesivumelwano somsebenzi esihlongozwayo; futhi
    - (ii) bacela imibono neziphakarniso zo-
      - (aa) Mnyango Wezezimali Kazwelonke kanye noMnyango Wezezimali Wesifundazwe;
      - (bb) uMnyango Kazwelonke ophathelene nohulumeni basekhaya; futhi
      - (cc) Isivumelwano somsebenzi sibandakanya ukulethwa kwarnanzi, ukuthuthwa kwendle, ukufakwa kukagesi, noma iyiphi enye insiza enganqunywa, kuvela emnyangweni kazwelonke othintekiJe.
  - (b) umkhandlu kamasipala **ucabange-**
    - O) izibophezelo zezimali ezihlonziwe zikamasipala ngokwezimiso zesivumelwano somsebenzi esihlongozwayo onyakeni wezimali waleso sivumelwano somsebenzi;
    - (ii) ngomthelela kualezo zibophezelo zezimali ezinteleni zikarnasipala zangomuso;
    - (iii) ukuphawula noma ezethulweni ezivumelwaneni zomsebenzi ezihlongozwayo emphakathini wendawo nakwabanye abanentshisekelo;
    - (iv) noma imiphi imibono neziphakarniso okubhalwe phansi mayelana nesivumelwano somsebenzi esihlongozwayo soMnyango Wezezimali Kazwelonke, soMnyango Wezezimali Wesifundazwe, soMnyango Kazwelonke ophathelene nohulumeni basekhaya kanye nanoma yimuphi uMnyango Kazwelonke ovezwe emaphuzwini aji.cc.; futhi
  - (c) umkhandlu kamasipala unesivumelwano **esithi-**
    - (i) uyonquma umasipala ukuthi uzothola ukugcina imali enkulu noma uyothola umnotho wemali wenzuzo yemali evela esivumelwaneni somsebenzi
    - (ii) uyovuma sonke isivumelwano somsebenzi njengoba sinjalo; futhi onikeze imvume kuMeneja Kamasipala ukuba asayinele umasipala isivumelwano somsebenzi.

2. Okulandelwayo okubekwe esigatshaneni soku-I. akusebenzi kulokhu okulandelayo-
  - (a) esikweletini sezivumelwano zomsebenzi zesikhathi eside okulawulwa yizirniso zeSigaba sama-46 (3);
  - (b) ezivumelwaneni zokuqasha: noma
  - (c) izivumelwano **zomsebenzi**
    - (i) emikhakha yempahla njengoba kungabekwa
    - (ii) ngokwezimiso zezibophezelo zezimali kumasipala kungaphansi -
      - (aa) kwenani elibekiwe; noma
      - (ab) **kwephesenti elibekiwe noma** kwesabelozimali esivunywe ngurnasipala sonyaka okuvunywe ngawo isivumelwano somsebenzi.
3. (a) **Zonke izivumelwano zomsebenzi** ezivezwe esigatshaneni soku-I. kanye nazo **zonke izivumelwano zomsebenzi eziletha izibophezelo zezimali** kumasipala -
  - (i) kufanele alethe epehele emkhandlwini kamasipala; futhi
  - (ii) angeke agodlwa ukuze umphakathi ukwazi ukuwacwaninga ngaphandle kwalokho okushiwo uMthetho Ogqugquzela Ukutholwa Kolwazi ka-2000 (uMthetho Nombolo 2 ka-2000)
- (b) Isigaba (a) (i) asisebenzi ezivumelwaneni zomsebenzi eziphathele nezipophezelo zezimali kumasipala ezingaphansi kwenani elinqunyiwe.

#### ISIGABA 110: Ukusebenza KwaleNgxenywe

ISahluko se-II iNgxenywe yoku-I, esiphathelene nokuLawulwa Kochungechunge Lokuthengwa Kwempahla, sisebenza:

ekuthengweni **kwempahla noma ekwenziweni komsebenzi ngumasipalanoma yisikhungo sikamasipala;**

ekuchithweni kwempahla engasadingeki ngumasipala noma yisikhungo sikamasipala;

ekuqokweni kwabathola izivumelwano zomsebenzi ukuletha usizo ngokwezimiso zezinsiza zikamasipala ngaphandle kwalezo zirno ezitholakala eSahlukweni sesi-8 soMthetho Wezinhlelo Zikamasipala; kanye

Nasekuqokweni kwezinto zokusebenza kwangaphandle ngokubeka kweSigaba sama-80 soMthetho Wezinhlelo Zikamasipala wokuletha izinsiza **zikamasipala ezimweni** ezicatshangwayo.

Ngaphandle uma kuhlonziwe, 'Ie ngxenywe yoMthetho ayisebenzi uma umasipala enikeza urnsebenzi enye ingxenywe kahulumeni ukuze:

kulethe impahla kanye nezinsiza kumasipala

kulethe izinsiza noma usizo kumasipala ngokwezimiso zokwenziwa komsebenzi kamasipala; futhi

kuthengwe impahla kanye nezinsiza ngaphansi kwesivumelwano somsebenzi esitholwe ileyo ngxenywe kahulumeni, uma urnenzirnsebenzi evurnile mayelana nalokho kuthengwa kwempahla noma ukwenziwa komsebenzi.

#### ISIGABA 111: INqubomgomo Yokulawulwa Kochungechunge Lokuthengwa Kwempahla

Umasipala ngamunye kanye nokuphathelele nomasipala kufanele kube futhi kusebenzise iNqubomgomo Yokulawulwa Kochungechunge Lokuthengwa Kwempahla okufanele ezimweni zalc ngxenywe yoMthetho okhona.

#### ISIGABA 112: INqubomgomo Yokulawulwa Kochungechunge Lokuthengwa Kwempahla ukuze kuHambisane noHlaka Oluhlonziwe

INqubomgomo Yokulawulwa Kochungechunge Lokuthengwa Kwempahla kamasipala noma okukamasipala kufanele kube nobulungiswa, kulinganiseke, kube sobala, kuqhudelane futhi konge kubuye kuhambisane nohlaka lokusebenza oluhlonziwe olulawula ukulawulwa kochungechunge lokuthengwa kwempahla kamasipala.

#### I. inqubomgomo kufanele okungenani ibe nalokhu okulandelayo:

(a) indawo okusebenza kuyo izinqubo zokulawulwa kochungechunge lokuthengwa kwempahla okungasetshenziswa umasipala noma yisikhungo sika, **kufaka amathenda**, izilinganiso **zamanani**, ukuncintisana **ngokumemeza esidlangaleni noma nezinye izinhlobo noma ukuncintisana** ngokuqhudelana

(b) **urna umasipala noma isikhungo sikamasipala singasebenzisa noma sisebenzise uhlobo oluthile** lwenqubo;

(c) izinqubo nokokuqhuba ukusebenza okusebenza ohlobeni ngalunye lokuqhuba;

(d) izinqubo nokokuqhuba ukusebenza kwezinqubo ezingenziwa noma yini lapho inani lekhontrakthi lingaphansi kwenani elihlonziwe;

(e) izinqubo zokuthola amathenda ezivulekile nezinkubasobala noma eminye imincintiswano;

(f) izinqubo zokuncintisana ngokuqhudelana lapho abemukelwe okwesikhashana bengancintisana khona;

(g) **umqulu** wokuncintisana, **ukukhangisa ngesimemo sezivumelwano zomsebenzi;**

#### 2. Imigudu nezindlela zokwenza lokhu okulandelayo-

(a) ukuvula, kokubhalisa kanye nokuqoqa phansi izincintiswani kukhona abantu abanetshisekelo;

(b) ukucubungula izintswano ukwenza isiqiniseko sokuthola okufanele imali;

(c) **ukuxoxiswana ngezimiso zokugcina** zezivumelwano zomsebenzi **kanye nokuvunywa kwezincintiswano**

(d) izinqubo zokuhlunga kanye nobumsulwa kwezokuphepha kulabo abangathola izivumelwano zomsebenzi kumathenda noma izincintiswano **ezingaphezu kwenani elihlonziwe;**

(e) ukuvezwa ngokuphoqelekile okungashayisana nentshisekelo yabangathola izivumelwano zomsebenzi abangabanakho kumathenda, kanye **nokukhishwa kwabangathola izivumelwano zomsebenzi** kulawo **mathenda noma kulezo** zintswano;

(f) ukuzibandakanya ohlelweni Lokulawulwa Kochungechunge Lokuthengwa Kwempahla kwabantu abangesizona iziphathimandla kumasipala noma kokukamasipala;

